Kwakuloyedwa, uZedekiya, owayecabanga ukuthi wayethunywe nguNkulunkulu. Wayegcotshwe nguNkulunkulu, kodwa imfundiso yakhe yayi phikisana leLizwi likaNkulunkulu. “Kuzaphakama, oKhristu bamanga, batshengise izibonakaliso ezinkulu, bangakhohlisa bona abaKhethiweyo nxa kwakusenzeka.”

⁷⁴ Nanzelela, bona bobabili, bona bobabili begcotshiwe. Manje, wawungabona njani okwakuyikho, lokungayisikho? Khangela lokho iLizwi elakuthembisayo kuAhabu. Umprofethi owayephambi kwakhe, okwakungu Elija, omunye wabaprofethi abakhulu besikhathi, lowo kwakungu mprofethi oqinisiweyo. Lowo umprofethi oqinisiweyo wathi, ukuthi, “Ngoba uAhabu waye enze lobububi, ukuthi izinja zizakhotha igazi lakhe; ngokuthatha impilo kaNabothi. Futhi lokuthi izinja zizakudla uJezebeli, futhi le...umzimba wakhe wawuzakuba ngumquba phezu kwamasimu.” Manje, ungabusisa njani lokhu uNkulunkulu akuqalekisisileyo? Kumbe ungaqalekisa njani, njengoBalamu watsho, lokho uNkulunkulu akubusisileyo? Bona?

Kodwa abaprofethi laba babephelele. Kungela kuthandabuza babengamadoda alungileyo, amadoda ahloniphekayo. Ngoba, ukuba ngumprofethi koIsrayeli, kufanele ubengohloniphekayo, kumbe khona ukuba ngumIsrayeli. Wawukhandwa ngamatshe, nxa kungesikho njalo. Babengamadoda ahloniphekayo. Ayengamadoda akhaliphileyo. Ayengamadoda afundileyo. Babe khethiwe nguAhabu, waselizweni. (Bona lokho, Dade Wright?) Abakhethiweyo belizweni, befanelwe kahle okwe par- . . .

⁷⁵ Futhi manje, lapho uMikhaya ebona umbono wakhe, yena wabakwazi enhliziyweni yakhe lokho iLizwi elalikutshilo, kodwa wayefuna ukubona lokho uMoya ophakathi kwakhe owawuzakutsho.

Ngakho bamtshela, bona bathi, “Utsho into efana labanye abaprofethi abakukhulumayo. Futhi lapho ungakwenza, ngani, uzakuba, sizakungenisa ebudlelwaneni, akula kuthandabuza, njalo. Bona? Sizakwenza ube ngomunye wethu. Sizakubuyisela enhlanganisweni yesonto yethu. Ungu... Siyakwazi ungumprofethi, kodwa uhleli ukhuluma izinto zokuqalekisa. Uhlezi uqalekisa uAhabu kokuphela. Manje, uZedekiya, indoda eyinduna, upapa, kumbe u...” lobayini ayeyikho. “Khathesi usebusise uAhabu, futhi wathi, ‘Hamba ukwenze.’ Khathesi utsho into efanayo, Imla. Ngani, uyindoda edubekayo. Awula ngitsho ibandla, phose, lakancane. Futhi lawa amadoda alezigidi. Ilizwe lonke liyabamela. Manje tshono okufanayo njengabo, bona lokho ozakwenza, uza—uzakudla inotho yomhlabathi.” Ukhuluma lomuntu ongasuye lapho!

⁷⁶ Pho ke nxa bekuthiwe, “Ungathola icala na kuZedekiya, Mikhaya?”

“Hatshi.”

“Uke wambamba na esonweni?”

“Hatshi.”

“Uke wamuzwa ethuka omunye umuntu?”

“Hatshi.”

“Uke wamthola edakiwe na?”

“Hatshi.”

“Ungaphika imfundo yakhe na?”

“Hatshi.”

“Uyakholwa na ukuthi idigri lakhe labudoketela ngelamanga?”

“Hatshi.”

“Uyakholwa eyakhe—eyakhe iPh.D. ilungile?”

“Sibili. Nge Sanhedrin khansili, ngicabanga konke... yikhansili, ngicabanga kulungile.”

“Awu, khona-ke, kungani ungazihlanganisi kunye laye?”

“Ngoba ungaphandle kweLizwi!”

⁷⁷ Awu, sizakuba lokutshengisana amandla ngakho, khona-ke, njengo Elija umprofethi ngaphambi kwalokho. Futhi nxa ungumntwana kaNkulunkulu, uzahlala kanye lomprofethi weBhayibhili leli. KuliLizwi. Nanzelela ihola, isikhathi.

⁷⁸ Awu, pho ke nxa uZedekiya ethi, “O, ngiyazi umprofethi wakhuluma lokho, kodwa lokho ngokwesizukulwane esizayo. Lokho ngokwesikhathi eside kusukela khathezi?”

Wathi, “Melelani ngize ngibone umbono ovela kuNkulunkulu, futhi-ke ngizalitshele.”

Bathi, “Khona-ke ukhulume into efanayo?”

Wathi, “Ngizakutsho nje lokhu uNkulunkulu akutshoyo; akula okunye, akula okunengi. Angeke ngingezelele ilizwi elilodwa kuKho, kumbe ngiphungule iLizwi elilodwa kuKho.”

Ngakho lobo busuku, emkhulekweni, iNkosi yeza kuye embonweni. Waphuma ukusa okulandelayo, wathi. . .

Nampo aprofethi ababili!

⁷⁹ Indoda enkulu elizweni, phakathi kwamabutho lasemehlweni esizwe, kwakungu Zedekiya. Wayengumprofethi oyihloko, ngenkosi. Wayeyihloko yabo bonke abanye abaprofethi, ngenhlanganiso. Wenziwa, ngenhlanganiso yakhe, inhloko yabo bonke; mhlawumbe omkhulu ekubaleni, ofunde kulabo bonke, ofanele umsebenzi kulabo bonke. Futhi wayegcotshiwe ngoMoya oNgcwele, ngoba ubizwa ngokuthi u “mprofethi.” Sibili, hatshi nje umprofethi nje, wayengu mprofethi wesiHebheru. Manje mkhangele.

⁸⁰ UZedekiya wathi, “iNkosi ikhulume lami, ‘NgeNzeleni lezi impondo ezimbili, zensimbi,’ umfanekiso.” Umprofethi uvame ukunika imifanekiso. “Wathi, ‘Yenza lezi impondo zensimbi.’ UMoya oNgcwele uthe kimi, ‘Thatha lezi,’ Ugcobo olwangibusisayo.” Ungakucabangi khona njengokomhlatshelo, kodwa ukungenisa umbono. “UMoya oNgcwele lowo okhuluma ngezindimi ngami, loWo ongiqinisileyo, Uthe, ‘Thatha lezi impondo, futhi, ngalokhu, tshela inkosi ukuthi uzakufuqa iSiriya iphume ngokupheleleyo phandle kwelizwe. Futhi ngizambuyisela ilizwe elingelikaIsrayeli ngemfanelo, ibandla.”

Mfowethu, lokho yisiqaliso esihle, phose khona njengo Balamu ayeyikho phezulu lapha. UBalamu wayekhuluma ngokweziqalo njengoMose ayeyikho. UMose. . . inombolo eqondileyo kaNkulunkulu yisikhombisa. Futhi uBalamu wathi, “Ngakheleni amalathi ayisikhombisa; imihlatshelo enhlanzekileyo eyisikhombisa, inkabi, lenqama eziyisikhombisa.” Lokho kukhuluma ngokuza kweNdodana kaNkulunkulu. Ngokweziqaliso, wayeqondile njenga loba nguphi wabo.

⁸¹ Futhi nangu lapha uZedekiya, eqondile nje ngokweziqaliso, “Ngoba ilizwe leli lingelethu. Ngani, bona amaSiriya lamaFilistiya khonale begewalisa izisu zabo, okwabantwana babo lokunjalo, isitha sethu, ngokudla lokhu abantwana bethu abakuswelayo! Lapho, uNkulunkulu wasipha leli ilizwe!”

Mfowethu, lokho yikuphikisana okuhle. Ngicabanga wayenga klabalala lokhu phambi kukaIsrayeli, futhi babengamemeza kanzima ngamandla. Khathesi, ngikhuluma ngokwanamhla manje. Ngithemba liyangilandela. Konke uklabalala, lokubanga umsindo!

⁸² Liyakhumbula uDavida iSonto edlulileyo? Bona? Wena phandle lapho endaweni yomsakazo, kumbe indawo lapho okuxhumaniswa ngefoni; alizange lithole uMbiko weSonto edlulileyo, wobani leqiniso ukuthi liyawuthola. *Ukuzama Ukwenzela uNkulunkulu Umsebenzi Ungazange Ugcotshwe Ukuthi Uwenze*, kungenani lokuthi uqiniseke okunganani, kuhle, khona vele kakwamukelwa nguNkulunkulu. Bona?

Manje, nangu lapha uZedekiya, ecabanga ukuthi uqondile.

⁸³ UMikhaya wathi, “Ake ngibuze uNkulunkulu.” Ngakho wehla phansi ukusa okulandelayo elo ITSHO KANJE INKOSI. Wahloa umbono wakhe ngeLizwi.

⁸⁴ Manje nxa wayengabe ethe kuZedekiya, “Uyakwazi na lokho umprofethi weBhayibhili lapha wayethe kuzenzakalani kulindoda?”

⁸⁵ “Kodwa hatshi kulesi isikhathi, ngoba lindoda yindoda ehloniphekayo. Uyazama.” Lingeohluleki ukukubamba lokhu. “Uzama ukubuyisela ebandleni izinto ezingeze bandla. Uzama ukubuyisela impahla yalo,” hatshi izinto zikaMoya; nxa kwakusenza, wayezanyikinya ilizwe lonke lelo njenga lokho uElija akwenzayo. Kodwa, ezama ukubapha izinto ezibambekayo, “Singabanini bempahla. Siyinhlanganiso enkulu. Singabanikazi bayo. Thina sonke, lonke lina bantu, lina maProtestanti, kufanele lisijoyine lonke.” Uh-huh.

Siyeza kulokho okwesikhatshana. “Kukonke abafowethu labo dadewethu, kungenani.” Akunjalalo! Akukaze kube njalo futhi akusoze kube njalo, kanye leBandla likaNkulunkulu eliqotho. Angeke kwenze!

⁸⁶ Nanzelela, wabona umbono. Futhi-ke wathi, “UNkulunkululu ukhulume kimi.” Manje, khangela, indoda yayiphelele. Wathi, “Wathi, ‘Yenzani lezi impondo, futhi lihambe lenyuke phambi kwenkosi futhi lifuqe lisiya entshonalanga,’” kumbe loba yiphi indawo ilizwe elalikhona kusukela lapho ababemi khona. “‘Fuqani, futhi lokho kuzakuba ITSHO KANJE INKOSI, ukuthi uzaphumelela ekunqobeni futhi aphenduke, ingqobo yebandla.’ Liza kubaxotsha!” Lokho nje kuseduze, kayisikho na? Kuyini okwakuluhlupho?

Nangu esiza uMikhaya esehla. Wathi, “Manje nikeza isiprofethi sakho.”

⁸⁷ “Yenyukelani khona! Kodwa ngibone uIsrayeli njenge zimvu, zihlakazekile, zingela umelusi.” Whew! Khona ukuphambana sibili.

⁸⁸ Khathezi, lilibandla. Manje nguphi oqondileyo? Bonke bobabili, abaprofethi. Indlela kuphela ongabona ngayo umahluko phakathi kwabo, yikuthi, kuhlole ngeLizwi.

Wathi, “Ukuthola njani lokhu?”

Wathi, “Ngibone uNkulunkulu ehleli phezu kwesiHlalo.” Wathi, “Ngabona umphakathi wonke uMgombolozele.”

⁸⁹ Manje khumbula, uZedekiya wathi wabona uNkulunkulu, futhi, ngoMoya ofanayo. “Ngabona uNkulunkulu. Ungitshela ukuthi ngenze lezi impondo ezimbili nge—ngensimbi. Hambani lapho futhi lifuqe izizwe phandle kwalapha, ngoba lokhu kungokwethu. Abanye kabalalo ilungelo kukho lokhu.” Babe zabalalo nxa babe hlale kahle kanye loNkulunkulu. Babezabe bekuzuzile lokho, kodwa badeda kuNkulunkulu.

Yiyo indlela inhlanganiso eyiyo, ibandla. Lilelungelo ezintweni lezi, kodwa lidlelezelwe kuzo, ngoba lisukile eLizwini likaNkulunkulu loMoya kaNkulunkulu, ukugcotshwa, ukuqinisa iLizwi lesikhathi. Lingehluleki ukuthola luMbiko.

⁹⁰ Nanzelela okwathatha indawo manje. Wathi, “Ngabona uNkulunkulu,” uMikhaya wambona, “ehlezi phezu kwesiHlalo eZulwini. Umphakathi wakhe wawuMbuthanele. Wathi, ‘Ngubani esingamthola ongehla ayekhohlisa uAhabu, ukwenza amazwi kaElija agcwaliseke, umprofethi waMi lowo owayeqinisiwe. Ngakhuluma ukuthi uzabuya. Futhi uElija wayeleLizwi laMi. Futhi amazulu lomhlaba kuzadlula, kodwa iLizwi laMi kaliyi kwehluleka. Angila ndaba ukuthi baphenduka isimanjemanje okunganani, kumbe balunga okunganani, kumbe bafunda okunganani, kumbe bakhulu okunganani, Amazwi aMi awasoze ahluleke.’

“Futhi umoya wamanga waphuma uvela esihogweni, wawa phansi ngamadolo awo, futhi wathi, ‘Nxa nje Ungangivumela, ngingabapha ugobo lwami, ngibenze benze loba yiluphi uhlobo lwesibonakaliso kumbe isimangaliso, kuphela nje ngingabasusa phandle kweLizwi. Angeke abekwazi ukuthi Lokho yiLizwi laKho. Akasoze aLinake, ngenxa yodumo.’” Mfowethu, izikhathi azintshintshanga. Mfowethu Neville, lokho liqiniso. Uyakhumbula, kuliqiniso. “Ngizafika phezu kwakhe, ngimenze enze izinto ezifanayo labanye abazenzayo. Ngizamenza aprofithe, futhi akhulume amanga.” Kungaba ngamanga njani? Ngoba kwakuphikisana leLizwi.

⁹¹ Uyathatha loba yiwuphi yaleyi imbhaphathizo yamanga, okwamanga *okuthile-lo-kuthile-la-bakokuthile*, angilandaba

ukuthi kuzwakala kuliqiniso okunganani, bazama kangakanani ukulingisela, kungamanga nxa kuphikisana leLizwi likaNkulunkulu lalelihola. Yikho sibili.

Uthi, “Awu, eyethu, awu, senza *lokhu*, futhi senza *lokhu*, futhi ibandla lethu liyindlela *leyi* futhi *lalokho*.”

Angilandaba ukuthi kuyini. Nxa kaphikisana leLizwi elilotshiweyo lalelihola, kungamanga. UNkulunkulu kayi kuba lani lakho, kungelani lokuthi kuphelele okunganani, kufunde okunganani, kukhaliphe okunganani, kuzwakala kuliqiniso okunganani, kuzwakala kulomqondo onganani, nxa kuphambene leLizwi laleli hola. Sizangena kulokho ngokujulileyo kancane ngemizuzu emilutshwane, isikhathi sisivumela. Nxa singeke, sizakukuthatha njalo lobubusuku.

⁹² Nanzelela, wayephelele, indoda elungileyo, kungela kuthandabuza. Futhi wathi...Khona-ke, ngeyinye indlela, uMikhaya wathi kuye, hatshi khona kanye ebusweni bakhe, ngamanye amazwi, “Ugcotshiwe ngomoya wokuqamba amanga.” Kungabe kungasinto yokutshela ubhishopi? Kodwa wakwenza.

⁹³ Futhi-ke lubhishopi waphakama futhi wathi, “Awuyikuba lobudlelwana njalo futhi,” futhi wamwakala ebusweni. Wathi, “Uyazi ukuthi ngiyindoda eqinisiweyo. Ibandla lami lingenze inhloko yakho, linto. Ivoti edumileyo yabantu bakaNkulunkulu ingenze ngaba yilokhu. Inhlanganiso yami ingenze ngaba yilokhu. Futhi uNkulunkulu wasipha leli ilizwe, futhi Umisele ukuba libengelethu. Futhi ngilo ITSHO KANJE INKOSI.” Wamwakala, futhi wathi, “Yiphi indlela uMoya kaNkulunkulu ohambe ngayo lapho Ungitshiya?”

⁹⁴ UMikhaya wathi, “Uzakufumana, ngezinye zalalezinsuku,” lapho iCalifornia isingaphansi kolwandle phetsheya-le, futhi lazonke lezi izinto. Bona? “Uzawubona yiphi indlela Ohambe ngayo, lapho usuhleli entolongweni ezingaphakathi.”

⁹⁵ Manje, Ahabu, uzakuthini? “Ngiyakholwa umprofethi wami,” watsho. Aluba wahlola nje iLizwi? Bona, kazange wafuna ukuzibona eqalekiswa. Ngizweni! Kazange wafuna ukuzibona eqalekiswa. Akula muntu ofunayo.

Futhi eyami inhlanga-...mfowethu wenhlanganiso, yikho okuluhlupho ngawe. Ufuna ukucabanga ukuthi wena uqondile, lapho, usazi enhliziyweni yakho, lapho ubhaphathiza usebenzisa ibizo lika “Baba, Ndodana, Moya oNgcwele,” uqamba amanga. Uyakwazi lapho wena predi-...usitsho lezozinto ozenzayo, futhi uthathe ubufakazi bakuqala, futhi lazo zonke izinto ezinjengalokho, uphambukile. Bungabanjani ubufakazi bakuqala bube yikukhuluma ngizindimi, futhi-ke ubusukhuluma ngokuphambeneyo lesithembiso sikaNkulunkulu salelihola? Kungaba njani? Kawufuni isiqalekiso, uyasifuna? Kodwa *Lapha* kulotshiwe,

ngakho kuzakuba njalo. Yilo uphawu lwesilo, kuseduze kakhulu kungakhohlisa abaKhethiweyo nxa khona kungenzeka.

⁹⁶ Sonke isibonakaliso, sonke isimangaliso, indoda egcotshiweyo, isiprofethi, zonke inhlobo zezinto eziqhubayo; zonke inhlobo zezibonakaliso, zonke inhlobo zezimanga, uzawubona ngani umahluko? Khangela iLizwi laleli hola. Yiyo indlela othatha. . .

⁹⁷ Khangela uMose, wayengabe wamtshele njani uBalamu. Khangela uMikhaya lapha, sikwazi njani ukuthi wayeqondile? ILizwi, phambi kwakhe, laliprofethile lokhu ngoAhabu.

Futhi iLizwi, phambi kwethu, laprofetha lezi nhlanganiso kusuku lolu, futhi lesiqakaliso lesi phezu kwabo. Futhi lezinto ezazithatha indawo ngeBandla laKhe leqiniso eligcotshiweyo, lizakuba leLizwi, uMlobokazi oliLizwi. Sesilapha. Nanku kulapha, lamuhla, njengalokhu okwakuyikho khona.

⁹⁸ IBhayibhli lathi, “Emloyeni wabafakazi ababili kumbe abathathu ilizwi lonke kaliqiniswe.” Ngikhulume ngoBalamu, ngikhulume ngoBalamu langoMose. Futhi ngikhulume khathesi ngo Mikhaya loZedekeya. Khathesi sengizaletha oyedwa njalo. Okuyikuthi, kulamakhulu abo, kodwa omunye njalo, ukwenza abafakazi abathathu. Ngiloluhlu lwabo olulotshwe phansi lapha; kodwa ukulondoloza isikhathi.

⁹⁹ UJeremiya owayengo qinisiweyo, oxotshelwe phandle, kodwa umprofethi kaNkulunkulu oqinisiweyo. Bayizonda indoda. Baphosela ezingavu- . . . izithelo ezavuthwa zedlulisa kuye, futhi lakho konke okunye. Futhi yena wabeka isiqalekiso phezu kwabo. Futhi lezinto lezo yena azenzayo, futhi walala phandle lapho ngemihlubulo yakhe, futhi lezinto, futhi wanikeza izibonakaliso ukuthi uSrayeli wayephambukile.

Wonke umprofethi, umprofethi weqiniso osewake wavuka emhlabeni, waqalekisa lezo nhlanganiso zesonto zamabandla. Kwakunga ntshintsha njani, ngoNkulunkulu ongaguqukiyo?

¹⁰⁰ UMoya oNgcwele ungumProfethi waleli ihola; Yena eqinisa iLizwi laKhe, elifakaza Lona. UMoya oNgcwele wayengumProfethi wehola likaMose. UMoya oNgcwele wayengumProfethi wehola likaMikhaya. UMoya oNgcwele, lowo owaloba iLizwi, uyeza aqinise iLizwi.

¹⁰¹ Manje kuyini okwenzakalayo ngesikhathi sikaMikhaya? UAhabu wabulawa, futhi izinja zakhotha igazi lakhe, ngokwe Lizwi likaNkulunkulu.

Lonke lina bafundisi bamanga, utsho uNkulunkulu, ngolunye usuku lizavuna lokho elikuhlanyelayo, lina bakhokheli abazimpumpu the abakhokhela izimpumpu the! Kangizondanga. Ngilitshela iQiniso nje. Futhi bengingeke ngitsho lokhu nxa phezulu lapha, phakathi kuleyondlu, nxa uMoya oNgcwele engatshongo, “Kukhulume ngaleyo ndlela.” Sengake

ngalitshela enye into engayisiyo kodwa lokhu uNkulunkulu akufakaza ukuba kuqondile? Vukani, bazalwane bami, isikhathi singakapheli!

¹⁰² Kodwa mangithi lokhu. Iva lingavuka kanjani futhi libe lihlabankondlwane, lapho lona lamiselwa kulokho? Bebengehluleka kanjani abaKhethiweyo ukuba bakubone khona? Ngoba, ukhethiwe ukukubona. “Bonke uBaba aNginika bona bazakuza,” watsho uJesu, “kodwa akula wabo ongeza ngaphandle waNgipha bona umhlaba ungakasekelwa, lapho amabizo abo ebekwa eBhukwini lokuPhila leWundlu,” hatshi kwelikamfundisi webandla, kodwa eBhukwini, eBhukwini lokuPhila leWundlu.

¹⁰³ Nanzelela, uJeremiya waphakama, waqiniswa phambi kwabantu, kodwa-ke babemzonda.

¹⁰⁴ Futhi-ke baphuma futhi benza ijogwe, yena wenza, futhi waligaxa phezu kwentamo yakhe, futhi wahamba phambi kwabantu. Bona bathi, “O, singabantu abakhulu bakaNkulunkulu. Ngani, singuIsrayeli. Siphelele esinagogeni lethu! Singena maSonto onke, si, siyanikela imihlatshelo, futhi siyabhadala izimali zethu. UNEbukhadinezari angaphatha kanjani izinto ezingcwele zika Nkulunkulu?” Huh! Isono zenu yizo ezikwenzileyo.

UNkulunkulu wathi, “Nxa ungagcina imilayo yaMi, kangiyi kwenza lokhu. Kodwa, nxa lingayekela, kuyeza kini.” Lokhu yikho kanye. Kulokhe kufana. Gcina imilayo yaKhe, iLizwi laKhe lehola, lokho Akuthembisayo.

¹⁰⁵ Manje nanzelela. Manje, uJeremiya, ngentando kaNkulunkulu, umprofethi oqinisiweyo, lanxa wayezondwa... Bonke babezondwa ezinsukwini zabo. Benza izinto ezingejwayelekanga eziphikisana lenhlanganiso yesonto yalolo suku, wonke umuntu wayemzonda, loba amakhosi lakho konke okunye. Ngakho-ke wagaxa i—ijogwe phezu kwentamo yakhe, futhi wathi, “ITSHO KANJE INKOSI. Bazakuba phansi khonale okweminyaka engamatshumi ayisikhombisa,” ngoba wayelokuzwisisa okuvela eLizwini lika Nkulunkulu. “Iminyaka engamatshumi ayisikhombisa!”

¹⁰⁶ Khona-ke uHananiya, uHananiya, Ngithemba likubiza lisithi, H-a-n-a-n-i-y-a. Hananiya, umprofethi phakathi kwabantu, wabuya, wathatha ijogwe walikhupha entanyeni kaJeremiya, futhi walephula. Futhi wathi, ukuba yisikhulu phakathi kwabantu, bona, lapho ekhuluma ngokuphambene leLizwi likaNkulunkulu. Futhi wathi, “Iminyaka emibili bazaphenduka. ITSHO KANJE INKOSI.”

Abaprofethi ababili abagcotshiweyo. Wawunjani umehluko phakathi kwabo? Omunye wayelokukhuluma iLizwi, futhi omunye wayengela. UJeremiya wathi, “Ameni.”

¹⁰⁷ Phambi kwabo bonke abadala futhi lebandla, wonke uIsrayeli, bona, wayefuna ukutshengisa ukuthi wayengaba mkhulu nje njengoJeremiya. “Uyazi abakuthandi, lobakanjani. Ngakho-ke ngingumprofethi, lami. Ngingumprofethi odlula wena, ngoba uprofetha amanga. Ungitshela ukuthi abantu bakaNkulunkulu bazakuba phansi kolutho *oluthile-lo-luthile*?”

Yikho abakutshoyo lamuhla, kodwa lizakuba khona lapho ngokunjalo, njengebandla. Uqalekisiwe ngesiqalikiso. Lonke lina mabandla, zinhlanganiso zamasono libambebele emikhubeni yomuntu kuleliLizwi likaNkulunkulu, liqalekisiwe nguNkulunkulu.

¹⁰⁸ Manje nanzelela, nangu esiza. UHananiya wahluthuna lelijogwe elikhupha entanyeni yakhe, umfanekiso kaNkulunkulu, walephula, futhi wathi, “ITSHO KANJE INKOSI. Iminyaka emibili bazabe sebephendukile.” Ukuzibonakalisa nje, “Ngingu *Zibani-lo-zibani*.” Ngoba wema phakathi, wayengumprofethi wenhlanganiso.

¹⁰⁹ UJeremiya wayeyindoda yenkangala ehlala yodwa. Waprofetha ububi ngabo sonke isikhathi, ngoba babebabi.

Futhi lindoda yayibatshela bona, “O, lonke likahle ingqe kukhona elingena khona. Ingqe kuphela linguIsrayeli, lokho yikho kuphela okufunakalayo. Bona, wena, thina... uNkulunkulu akayi kwenza lokho. Ngiyazi kukhona enye into encane eyenzakelayo lapha, kodwa lingethuki, lingesabi.”

O, mfowethu, lokhu bephila lalamuhla. “Ungakhathazeki, yonke into ilungile. Sibeke konke phansi kwamandla ethu. Sili Bandla.” Ungakucabangi lokho. Yebo.

¹¹⁰ Ngakho wathi, “Yonke into ilungile. Bazaphenduka ngeminyaka emibili. Yinto encane eyenzakeleyo. Akusilutho olungajwayelekanga. Silakho lokho. NguNebukhadinezari nje oza lapha, kodwa uNkulunkulu wethu uzakunakekela konke lokhu.”

Kodwa iLizwi lathi bazakuba khonale iminyaka engamatshumi ayisikhombisa; kuze leso sizukulwane sedlule, futhi lesinye isizukulwane. Iminyaka engamatshumi amane yisizukulwane. “Lezi phose ngezimbili izizukulwane elizakuba phansi khonale.” Futhi uJeremiya wakuphela khona mayelana leLizwi likaNkulunkulu.

¹¹¹ UHananiya waqamula lokho! UJeremiya wathi, “Kulungile. Amen. Kodwa, Hananiya, asikhumbuleni lokhu, singaba profethi sobabili. Singaba tshumayeli.”

Futhi ngithi lokhu kuwe, mfowethu. Asikhumbule bekulabaprofethi phambi kwethu, futhi bona baprofetha bemelana lemibuso, futhi baprofetha bemelana lezinto ezithile. Kodwa, khumbula, lapho umprofethi ekhuluma ulutho, kumele aprofethe ngokuse Lizwini. Njengo Mikhaya, loMose, futhi

labanye bonke. Kumele kube njengokutsho kweliZwi. Nxa kungeyisikho, ngakho khumbula okwenzakalayo.

¹¹² Khona-ke, uHananiya, ulaka lwakhe lokulunga lwaphakama. “Ngingu Hananiya” (kungela kuthandabuza), “umprofethi weNkosi, futhi ngithi, ‘Iminyaka emibili.’” Ngamanye amazwi, “Angilandaba ukuthi iLizwi lithini.” Ugcobo lwakhe, “Ngithi, ‘Iminyaka emibili, bazabe sebephendukile.’”

¹¹³ UJeremiya wasuka phambi kwakhe, waphuma phandle, wathi, “Nkosi, angilandaba lokho akutshiloyo, ngilokhu ngikholwa futhi ngisazi ukuthi lelo Lizwi litsho njalo. Ngizahlala ngiqinisekile kuWe. Kangiyi kukhohliswa nguye.”

¹¹⁴ UNkulunkulu wathi, “Hamba uyetshele uHananiya, ‘Ngizalenza ngensimbi, ijogwe elilandelayo.’” Ngoba wenza lokho, wasuswa ebusweni bomhlaba, uHananiya wasuswa, ngalowo mnyaka munye.

Nanso imizekeliso yethu, bobabili abaprofethi. Banengi obekungatshiwo futhi kukhulunywe ngabo kulesi isikhathi.

¹¹⁵ Kodwa khangela. UJesu wathi, lokhu, kulesi isikhathi sokuncina, njalo, imoya emibili izabe iseduze sibili ndawonye njalo. Kunjalo na? [Ibandla lithi, “Ameni.”—Mhl.] Manje nanzelela. Kuzakuba seduzane kula lokho okwakuyikho. Lesi yisikhathi sokucina. O, bantwana! Nkulunkulu woba lesihawu phezu kwethu! Kuze, “Kuyabe kuqotho sibili kuze kukholise bona abaKhethiweyo nxa kusenzeka.” Manje uhamba kanjani. . . sakubona njani kulezo nsuku? Uzakubona njani lamuhla? Ngendlela efanayo, hlala leLizwi, “UJesu Khristu ofanayo izolo, lamuhla, lanininini.”

Manje unakeni wonke luMbiko. Futhi lapha ulalela ethephini, loba mhlawumbe ngizabe sengingasekho ngolunye usuku lapho iNkosi isiqedile ngami lapha emhlabeni, lizakhangela emuva kulokhu. Lalelani ezwini lami, lokhu engilitshela khona. Nxa Engithatha phambi koKuza kwaKhe, khumbulani nje, ngikhulume kini eBizweni leNkosi, ngeLizwi leNkosi. Yebo.

¹¹⁶ Nanzelela, “Kuzakuba seduze sibili ndawonye ukuthi kuzakhohlisa abaKhethiweyo nxa khona kwakusenzeka,” bazakwenza izibonakaliso ezifanayo, izimanga ezifanayo, ngoMoya ofanayo. Kuyikho na? [Ibandla lithi, “Ameni.”—Mhl.] Khona njengabaprofethi ababeyikho lokhu nje esikhulume ngakho, abaprofethi. Manje, lakho futhi kulotshiwe. . .

¹¹⁷ Kasivuleni kukho, okwalokhu, nxa lithanda, uTimothi wesiBili 3. Masingayitshiyi leyi. Futhi kangifuni uku. . .

¹¹⁸ Ngiyakhangela kuleyo watshi phezulu lapho, futhi ngi—ngifuna ukweqa okunengi kwakho, futhi kangicabangi ukuthi sikwenze khathesi. Bona? Nanzelela. Nje. . . Nxa ngimile lapha,

ngiginqa njengalokhu engiyikho, bona, kodwa ngiyajabula. Futhi ngiyazi ukuthi lokhu kuliqiniso. UTimothi wesiBili 3:8.

¹¹⁹ UPhawuli, indoda eyathi, “Nxa iNgilosi ibuya ivela eZulwini futhi ikhulume elinye ilizwi kini kulalelo engalikhulumayo, akaqalekiswe,” manje, iNgilosi ibuye phansi. NgabaseThesalonika besiBili . . . O, ngiyaxolisa.

¹²⁰ Nanzelela uTimothi wesiBili 3:8. Khangela uPhawuli ekhuluma manje. Asiqaliseni phose . . . Asiqaliseni ekuqaliseni kwendima, futhi lilalelisise manje. Lina elilamaBhayibhili enu, balani kanye lami. Lina elingelawo amaBhayibhili enu, lalelisisani. I . . .

Yazini lokhu njalo, ukuthi ensukwini ezokucina . . .

Dweba umzila phansi kwalokho, “insuku zokucina.” Yikho lapho okuzakwenzakala khona.

. . . izikhathi ezinzima zizabuya. (Sesikizo.)

*Ngoba abantu bazakuba ngabazithandayo,
abalomhawu, abazikhukhumezayo, abazigqajayo,
abahlambazayo, abangalaleli abazali, abangabongiyo,
abangangcwele,*

¹²¹ Khangela lelixuku esilalo lamuhla, libolile. Loba lasemadodeni phandle esitaladini, amajaha, bedonsela inwele zabo phansi emabunzini abo, zilengile njengowesifazana. Impendukezeli! Inkotshana!

¹²² Like labala kulumnyaka, iReader’s Digest yakulinyanga? Yathi, “Abantu beMelika ebudaleni obuphakathi,” engicabanga kwakunjalo, “phakathi kwamatshumi amabili lamatshumi amabili lanhlanu eminyaka yobudala, sebevele sebesesimweni sobudala babo baphakathi laphakathi kwebanga lempilo.” Sebephelile! Babolile! Isayensi iyakutsho lokho, ukuthi indoda ephakathi laphakathi kobudala bayo, lowesifazane, lapho besasekuqaleni kwamatshumi amabili abo. Umzimba wabo usubolile sibili futhi unikezwe ekungcoleni.

¹²³ O, Melika, ngabe kukangaki uNkulunkulu ebengakufukamela, kodwa khathesi ihola lakho selifikile! Ukhokhela umhlaba ngokugcola.

*. . . abahlambazayo, abangalaleli abazali,
abangabongiyo, abangangcwele,*

Abangelathando lwemvelo, . . .

Akula thando lweqiniso komunye lomunye, indoda emfazini, umfazi endodeni. “Ngitsho lothando lwemvelo.” Ukungcola, ngezamacansi!

*. . . abephula izivumelwano, labahlebayo,
labangazikhuziyo, abalolaka, futhi labeyisa labo
abalungileyo,*

Ngamanye amazwi, uthi, “Lina xuku labagiqiki abangcwele.” Omunye wabuza ngolunye usuku mayelana ngokubuya lapha ebandleni. Wathi, “Ungayi phezulu lapho. Konke okuyikho ngumkhosi omkhulu womsindo futhi beqhubeka besiyaphambili.”

Bona, “abeyisa labo.”

*Abanikela abanye, abalamawala, abaziphakamisayo,
abathanda intokozo ukwedlula ukuthanda
uNkulunkulu;*

Uthi, “Mfowethu Branham, lawo ngamakhomanisi.” Indima elandelayo ithini?

*Belesimo sobunkulunkulu, kodwa (ini?) bephika
amandla akho: (iLizwi, uJesu Khristu ofanayo izolo,
lamuhla, lanininini, ebonakalisiwe, isithembiso
sosuku) . . .*

Khona kanye njengo Hananiya, khona kanye njengo Zedekiya, khona kanye njengo Balamu, kusiya emuva, labanye abaprofethi bamanga.

Belesimo sobunkulunkulu, (begcotshiwe . . . Bona?)

*Belesimo, (begcotshiwe, abatshumayeli
ababekiwuyo . . .)*

*Belesimo sobunkulunkulu, kodwa bephika (ukuthi
Ungofanayo izolo, lamuhla, la . . . Bephika iLizwi
laKhe!)*

Bamphika njani uJesu kulolosuku? Ngubani abamphikayo lapho bephika uJesu? ILizwi. Babengabenkolo. Bafundisa kuvela eBhayibhili labo, kodwa bephika iLizwi losuku lwamanje.

Bayini lamuhla? Into efanayo, begcotshiwe, betshumayela iVangeli lephentekhosti, kodwa bephika isithembiso sosuku lwamanje seLizwi liqinisiwe, “UJesu Khristu ofanayo izolo, lamuhla, lanininini.” Liyakubona na? [Ibandla lithi, “Ameni.”—Mhl.]

*Ngoba laba yibo abanyenyela ezindlini, futhi
bakhokhele . . . abesifazana abayiziwula abasindwa
yisono, beqhutshwa zinkanuko eziyinhlobonhlobo,*

“Amaphathi ethu emithungo futhi *okuthile-lo-kuthile* kwethu.” Omunye umuntu abuye lapho ezama ukuchasisa ngokungayisikho iLizwi, futhi esithi lokhu, “Kulungile, dadewethu, kuwe ukuba lenwele ezimfitshane. Ungalaleli leso siphukuphuku. Bona? Kumbe, nxa u—ugqoka *lokhu*; kakusikho *lokho*, ‘kuyilokhu okuphuma enhliziyweni yomuntu lokho okumgcolisayo.’” Bona? Futhi uyakunanzelela na ukuthi ugcotshwe ngomubi, olenkanuko, umoya ongcolileyo? Angilani, unghahlabela kukwaya, ulenwele ezimfitshane, kodwa ulomoya

omubi. Lokho kuphambene leLizwi. Kunjalo. Yikho iBhayibhili elakutshoyo. Futhi uthi, “Awu, ngigqoka okabhudula. Khona kakungicali.”

“Loba ngubani, nxa owesifazana egqoka isambatho esingesendoda, kuyisinengiso emehlweni kaNkulunkulu.” UNkulunkulu ongaguqukiyo watsho lokhu.

¹²⁴ O, izinto ezinengi kangako, singadlula kukho kanjani? Isikhathi sethu singedlula. Kodwa uyazi okweneleyo ukwazi lokho okulungileyo lokubi. Futhi ngingabenza bakwenze njani? Ngingakwenza njani? Uthi, “Awu, uphophothelani?” ngingufakazi omelana lawe. Ngelinye ilanga, ngoSuku lokwaHlulelwa, awusoze ube lekhona ozakuya kulo.

¹²⁵ UMikhaya wayengakumisa kanjani lokho? UMose wayengakwenza kanjani, eklabalala, ezama ukukumisa? Futhi uJoshua labo begijima phakathi kwabantu? Futhi uLevi wadonsa inkemba yakhe, futhi wababalala, lobanjalo? Baqhubeka kunjalo.

Kubikiwe ukuthi bazakukwenza. Futhi bazakukwenza, ngoba kuyi ITSHO KANJE INKOSI bazakukwenza. Ucabanga lezonhlanganiso zamasono zizadazukana, inhlanganiso zamasono abo abuyele eLizwini? Yi ITSHO KANJE INKOSI, abasoze! Bazangena na kumphikukhristu? Khona kanye. Yi ITSHO KANJE INKOSI, bazakwenza! “Ngakho-ke uthini ngakho?” Kufanele ngibe ngufakazi, futhi-ke lawe kufanele, wonke amakholwa. Khangela.

*... abesifazana abayiziwula besindwa yizi...
inkanuko eziyinhlobonhlobo,*

¹²⁶ “Awu, bonke abanye abesifazana bayakwenza.” Baprofethi bamanga! Manje lalalani. Abaprofethi bamanga, engikhuluma ngabo. Manje kuyini abazakukwenza osukwini lokucina?

*... khokhela abasifazana abayiziwula... besindwa
zinkanuko eziyinhlobonhlobo,*

“Awu, ngiyazi bonke abesifazana...” Kulungile, qhubekelani phambili.

¹²⁷ Ngathini ngaphambi nje kwalesi senzakalo lapha eCalifornia? “Lina bantu lapha eLos Angeles, loba yiwuphi umnyaka lapho ngiphenduka kulabanengi abesifazana abagela inwele futhi lamadoda abaziphatha okwesifazana okwedlula okwakuyikho ekuqaleni, abatshumayeli abanengi bengena ezinhlanganisweni. Kalila kuzilandulela! Nxa imisebenzi elamandla eyayenziwe eSodoma leGomora yenziwa kini, ibizabe imile lamuhla. O, Kapenawume, wena ozibiza ngebizo lengilosi, Los Angeles!” Bona okwenzakalayo? Yona iyakhona phansi kolwandle. Nini? Kangazi ukuthi kunini eyakutshona khona, kodwa iyakutshona. Lina bantu abasebancane, nxa ngingekela ukukubona osukwini lwami, likukhangele. Yona isihambile!

Bafunda njalonjalo, . . . bengasoze benelise ukuza elwazini lweqiniso.

Manje nanku okwethusayo, nansi ingxenye eyethusayo. Lalelani kulokhu.

Manje njengo Janesi loJambresi bamelana loMose, kanjalo lalaba bayala iqiniso: abantu abangqondo zibolile, abahlubuki mayelana ngokholo lolo olwake lwanikezwa kubangcwele, ngeqiniso.

“Mayelana ngoKholo.” “Futhi uzaphendulela uKholo lwabobaba, kumbe olwabantwana, lubuyele kubobaba.”

¹²⁸ “Abalahliweyo mayelana loKholo.” Uh! Liyakwazi *ukulahlwa* kutshoni? Nxa uleBhayibhili leScofield, kukhona u *h* khonapho. Khona phezulu lapho, kuthi, “ukhulubuka.” Ukhulubuka, yikho okuyikhona.

¹²⁹ Manje, okomzuzu nje. Ngifuna ukukhangela enye into lapha. Ngicabanga ngiku bhale kuhle phansi lapha. Kangila qiniso, kodwa ngifuna ukukutsho, futhi ngikukhangelisise ngaphambi kokuba ngi—ngikutsho. Manje, umzuzu owodwa nje. [Indawo engelalutho ethephini—Mhl.] “Abahlubuki mayelana leQiniso, mayelana loKholo.” “UKholo,” kulo Kholo olulodwa kuphela. Kunjalo. “Mayelana loKholo, abangabahlubuki!”

Manje ngifuna ukubala uLuka 18. Umzuzu nje. Awumelanga. . . Ungayibhala phansi; akudingi uyibale.

Futhi wakhuluma umfanekiso kubo esenzela ukuthi, abantu kufanele bakhuleke izikhathi zonke, futhi benga . . . dinwa;

Esithi—esithi, Kwakukhona edolobheni umahluleli, owayengesabi uNkulunkulu, futhi enganaki umuntu:

Futhi kwakukhona umfelokazi edolobheni linye; futhi weza kuye, esithi, Ngiphindisele isitha sami.

Futhi waye—futhi wayesala okwesikhatshana: kodwa ngemva kwesikhathi wathi ngaphakathi kwakhe, Lanxa ngingesabi uNkulunkulu, njalo nginganaki muntu;

Lokho-ke lumfelokazi engikhathaza, ngizamphindisela, hlezi ngo . . . ngokuza angidinise.

Futhi iNkosi yathi, Zwanini lokhu umahluleli ongalunganga akutshoyo.

Futhi-ke uNkulunkulu kayikuphindisela yini abakhe . . . abakethiweyo, labo abakhala kuye imini lobusuku kuye, loba ebabekezelela?

Ngiyalitshela ukuthi uzabaphindisela ngesiphangiphangi. Kodwake lapho iNdodana yomuntu isiza, izafumana ukholo na emhlabeni?

¹³⁰ Manje yiwo umbuzo. Nanku lapho ebengifuna ukufika khona: KuSambulo10 (Sizangena kukho emizuzwaneni emilutshwana, komunye uMbhalo, esiwutshoyo.), Wathi, “Ensukwini zoMbiko wengilosi yesikhombisa, imfihlo kaNkulunkulu *kufanele* ibe isifeziwe.” Nanku umbuzo, yikuthi, nxa ungalandela kulowo mzila kulelihola, *kuzabe* kufeziwe na? “Ngizakufumana uKholo na?” UMalakhi 4 uzabe esegwalisekile na kulesi isikhathi, “Ukubuyisela uKholo lwabantwana, lubuyele eKholweni lwabobaba, olwakuqala, iLizwi”? Bona?

¹³¹ “Abahlubukileyo, uJambresi loJanesi, lapho bemisana.” Manje, njalo, lalelani, uTimothi wesiBili 3:8. “NjengoJan- . . . bamelana loMose, njalo lasensukwini zokucina laba abafanayo abahlubuki bazabuya,” manje bona lapho Okuthi lapha, “belesimo sobunkulunkulu,” abagcotshiweyo. Manje masithini nje. . . Ubuyele futhi—futhi ukubale lapho ufika ngekhaya, ukuze ngenelisa ukuqeda lokhu, lokhu kusa, nxa ngingenelisa. “Abahlubuki mayelana. . .” Hatshi abahlubuki e—e— ekuphileni; bangamadoda amahle, athuthukileyo.

¹³² Manje nanzelela, lapho uMose esehla esiya eGibhithe, elombiko ITSHO KANJE INKOSI, futhi waqiniswa; wabizela uIsrayeli, labo ababengabantu, hatshi ibandla. UIsrayeli babengabantu; babengakaze babelibandla. Ngoba, ibala elithi *ibandla* litsho “labo ababiziweyo.” Babengabantu bakaNkulunkulu. Khona-ke lapho besibangabagcotshiweyo phansi kweLizwi, futhi bakhutshelwa phandle, baba libandla likaNkulunkulu. Futhi-ke bahlehlela emuva, ngoba kabazange bakholwe iLizwi likaNkulunkulu, futhi balalela umprofethi wamanga. Ngithemba lokhu kuyazika.

UIsrayeli, engabantu bakaNkulunkulu, baphuma bengaphansi kwesandla sikaNkulunkulu, begcotshwe ngeLizwi. . . ngaMandla kaNkulunkulu, babona izibonakaliso lezimangaliso zikaNkulunkulu. Futhi-ke lapho uNkulunkulu ehamba kanye labo, umprofethi wamanga wabuya wangena, egcotshiwe, futhi wafundisa enye into ephikisana leliLizwi likaNkulunkulu lakuqala lelo ababelizwile; futhi bonke babhubha enkangala, ngaphandle kwabantu abathathu. Manje kubambe.

¹³³ “Njengoba kwakunjalo ezinsukwini zikaNowa, lapho imiphefumulo eyisificaminwembili yasindiswa ngamanzi, kuzakuba njalo ekubuyeni kweNdodana yomuntu.” “Njengoba kwakunjalo ngezikhathi zika Lothi, lapho abathathu baphuma phandle kweSodoma, kuzakuba njalo ngesikhathi lapho iNdodana yomuntu izakwambulwa.” Ngicaphuna uMbhalo kuphela, iLizwi leNkosi, lelo, “IZulu lomhlaba kuzadlula. . .” Kuza kuba yingcosana!

134 Nanzelela lapha. UMose uyehla esiya kuAroni. UMose wayeyakuba nguNkulunkulu. UNkulunkulu wamtshela ukuba abe nguNkulunkulu, wathi, “Woba nguNkulunkulu, futhi utshiye uAroni umfowenu abe ngumprofethi wakho. Wena beka amazwi emloyeni wakhe nxa ungakwanisi ukhuluma kuhle.” Wathi, “Kodwa ngubani owenza umuntu wabayisimungulu? Ngubani owenza umuntu ukuba akhulume?” YiNkosi eyakwenzayo.

Futhi yena wehla lapho. Kuyini akwenzayo? Wenza esiliqiniso lesilungileyo isimanga leso uNkulunkulu amtshela ukusenza. UNkulunkulu wamtshela uku, “Hamba uyephosa intonga yakho phansi.” Wayiphakamisa, futhi yaba yinyoka. Wayiphakamisa, futhi yaphenduka yaba yintonga. Wathi, “Hamba uyekwenza lokho phambi kukaFaro, futhi uthi, ‘ITSHO KANJE INKOSI.’”

135 Futhi lapho uFaro ekubona lokhu, sithi, “Ngani, lisalamusi bani lamangamanga.” Wathi, “Akula lutho kulo. Kuyikufunda ingqondo kumbe enye into, liyazi. Silamadoda phakathi enhlanganisweni yethu abangenza into efanayo. ‘Buya lapha, Bhishopi *Zibani-futhi-zibani*. Futhi, wena, wena woza lapha.’ Silabo abangenza into efanayo.” Lowo kwakungu Sathane ekhuluma ngoFaro.

Lowo kwakungu Nkulunkulu ekhuluma ngoMose.

136 Kodwa khangela lindoda iphuma. UJanesi loJambresi beza phambi kukaMose, futhi emphakathini phambi kwabantu, futhi benza sonke isimangaliso leso uMose ayesenza. “Bazakhohlisa bona abangaba Khethiweyo nxa kusenzeka.” Kunjalo? Benza into yinye leyo uMose ayenzayo. Uyakubamba? Manje khumbula, kuyi UTSHO KANJE UMBHALO, lokhu kuzakuphinda njalo ensukwini zokucina.

Wawuyini umahluko phakathi kukaMose lo Jambresi?

UMose wathi, “Igazi kalize emanzini.”

Futhi laba abaprofethi bamanga bathi, “Sibili, siyabeka igazi phakathi emanzini, lathi.” Futhi kwenzakala.

137 Ngakho uMose wathi, “Kakubuye otsheketshe.” Wayekuthatha ngaphi? Ngqo kuvela kuNkulunkulu. Bona?

Futhi kuyini akwenzayo? Wathi, “Awu, sibili, singaletha otsheketshe, lathi.” Futhi bakwenza. Loba yisiphi isimangaliso uMose ayengasenza, babesenelisa ukusenza, labo!

Khumbula, gcina lokho engqondweni, siyeza kukho, emva kwesikhatshana. Bangenza konke okwenziwa ngabanye, kodwa abangeke bahlale kanye leLizwi. Angeke bahlale kanye leLizwi.

138 Manje nanzelela, bakwenza khona. Kodwa uMose, umprofethi weqiniso othunywe evela kuNkulunkulu, elayezwe nguNkulunkulu, yena kazange axabane labo, wathi, “Lapha, awungeke ukwenze lokhu! Awungeke!” Yena nje wabatshiya

benjalo, wabatshiya nje beqhubeka. Bangabaprofethi benhlanganiso, kodwa qhubeka.

UMose waqhubeka nje esiya, walalela kuNkulunkulu. Loba yini uNkulunkulu ayekutsho, “Manje wena yenza *lokhu*,” uMose wahamba futhi wakwenza. Yena wenza into entsha. Lapho bekwenza, ngamunye wabo waba ledlabuzane kumbe enye into, nampa besiza. Bakwenza, labo, khona kanye njengoMose wakwenza.

¹³⁹ Manje nanzelela. Lamadoda abonakala...O, lina bantu, lingakweqi lokhu! Laba bakhohlisi, abalingiseli, babonakala emva kokuba lowo oweqiniso esekewahamba kuqala. Bona? Beza ukuzolingisela. Bona, kufanele bakwenze. Udeveli ngeke adale ulutho; yena nje uphendukezela okwakuqala.

Futhi kuyini isono? Yikulunga kuphendukezelwe. Kuyini ubufebe? Isenzo esilungileyo siphendukezelwe. Kuyini amanga? Iqiniso lichazwe ngokungayisikho. Ukuphendukezelwa!

Khangela uHananiya, ukuphendukezelwa kweLizwi lokuqala. Khangela uBalamu, ukuphendukezelwa kweLizwi lokuqala. Khangela uZedekiya, ukuphendukezelwa kweLizwi lokuqala.

Futhi iBhayibhili lathi lamadoda azakubuya, emva kokuphambukisa...kumbe ukuzo phendukezela iLizwi lokuqala eliqinisekileyo futhi lafakazwa ukuba liQiniso.

¹⁴⁰ “Yenza umsebenzi womvangeli,” kulelo khona lapho, “bonakalisa ngokugcweleyo ubufakazi bentshumayelo yakho. Ngoba isikhathi siyeza lapho abangasoze bamela khona iMfundiso ephilayo, kodwa emva kwenkanuko zabo baza kuzibuthela abafundisi, belendlebe ezilumayo; futhi-ke beqhubeka njalo benze loba yini abayifunayo, futhi, ‘Kulungile, silezibonakaliso lezimangaliso ezifanayo.’ Futhi bazakuphendulwa eQinisweni, futhi balethwe enganekwaneni izivumankolo.”

¹⁴¹ O, ukwazi kukaMoya oNgwele, uvalo olutshaya umphefumulo womuntu lapho esima ecabanga kanjani ubuqotho lobusobala obuphambi kwethu! Gebhani lelolitshe lekhona lapha futhi libale isiqephu sephepha esifakwe phakathi lapho, iminyaka engamatshumi amathathu lantathu eyadlulayo. Bona lokhu Akutshoyo phetsheya-le ku—kuSeventh Street, lokho kusa lapho leli litshe lekhona libekwa. Manje likukhangele. Khangela phansi lapha emfuleni, lapho iNgilosi yeNkosi yehla phansi esimweni seNsika yoMlilo, amakhulu amabandla, kumbe abantu bamabandla, bemile ngasekhunjini; lokho Akutshoyo, bona uba kwenzakala. Bona lokhu okwenzakalayo.

Khona kunzima kakhulu. Ngiyazi kukhangeleka kunzima, bazalwane, phandle-le. Kodwa ku...IBhayibhili lathi, uJesu wathi ngokwaKhe, “Kungakhohlisa bona abaKhethiweyo

nxa khona kwakusenzeka.” Akula ngenye indlela kukho. Abasoze benelise ngitsho ukuKubona. Nxa kwakusenzeka, bona abaKhethiweyo babezakhohliswa ngakho.

¹⁴² Nanzelela, lamadoda abonakala emva kokuba oweqiniso kaNkulunkulu ogcotshiweyo esethunyiwe; ngomprofethi waKhe weqiniso, uMose. Futhi lapho uMose esenza loba yini, babekulingisela khona.

¹⁴³ Manje, mfowethu, dadewethu, ngi... Leli libandla lami ngokwami. Ngilelungelo lokutshumayela lokhu engikufunayo, ingqe kuphuma eLizwini likaNkulunkulu. Futhi kangicali lina bantu, kodwa kasikuhloleni nje okwesikhathi lehola esiphila kulo.

Ukubingelela kuMfowethu Ruddell, kuJunior Jackson, futhi labo phandle lapha, amabandla angabafowethu. Ngibakhohliwe, isikhatshana esedluleyo. Ngicabanga baxhunyiwe phakathi kulokhu kusa, labo, ngenxa yokungabi-yokungabi lendawo phakathi ebandleni.

¹⁴⁴ Kucabangeni nje khona manje, okomzuzu nje. Benza izimanga ezifanayo lezo uMose azenzayo. UMose waletha otsheketshe; bakulingisela futhi baletha otsheketshe. Bona?

UNKulunkulu wathi, “Ngosuku usidla kuwo, lolo suku uyakufa.”

¹⁴⁵ USathane wabuya lapho futhi wathi, “Sibili, kaliyi kufa. Lizakuhlakanipha nje. Lizakuba lehlanganiso engecono, engecono...” Uyazi. “Uyazi, yonke into izakuba ngcono kuwe, uzakuba lokuKhanya okunengi.” Bona, okuphendukezelweyo nje. Kufanele...

Futhi khumbula, ITSHO KANJE INKOSI, mayelana loTimothi wesiBili 3:18, ukuthi, “Ensukwini zokucina, ukuthi luJambresi loJanesi bazakuba semhlabeni.” Manje, ngifuna ukuthi linanzelele kulababili babo, bona, abalingiseli.

¹⁴⁶ Manje sizabuyela emuva eSodoma, emva kwesikhatshana, labo abathathu, sithole zona iNgilosi ezintathu lezo ezele phansi, futhi ubone ukulingisela, futhi lokunjalo, bona, bona yikuphi okuhle lokubi. Bona? Bona?

¹⁴⁷ Nanzelela, benza izimangaliso ezifanayo. Kodwa, nanzelela, balingisela emva kweLizwi leqiniso seligcotshiwe, ngalowo oweqiniso lowo uNkulunkulu ayemthumile; balandela, emuva.

Ngiyamangala nxa singacabanga okomzuzu. Ukuthatha abantu ngesandla, kungasikude, phose iminyaka engamatshumi amabili edluleyo, futhi isibonakaliso satshengisela. Mfana, kwabalezibonakaliso ezinengi phezu kwezinto, futhi lomuntu wonke... Omunye ulakho esandleni sakhe sokudla; omunye ulako esandleni sakhe sokhohlo; omunye wabo uyakunuka. Bona, zonke inhlobo ze... Futhi ngiyamangala... UNkulunkulu kayikungivumela ukulitshela kulesi isikhathi okwakuliqiniso

uqobo, kodwa ngolunye usuku lizakukufumana. Lokho kwaye kuyikubonakalisa iphutha labo nje. Lokho kwakungalunganga, ekuqaliseni. Ngizalitshele, ngolunye usuku, nxa iNkosi ivumela.

¹⁴⁸ Nanzelela, benza izimangaliso ezifanayo, kodwa kabazange... Nanzelela, kabazange bakwenze khona kwaze kwathi emva kweLizwi lokuqala selihambe phambili, kuqala. Yiyo indlela uSathane ayenzayo ensimini yeEdeni. Yiyo indlela ayenzayo sonke isikhathi. Ngubani owaprofetha kuqala? UMose. Ngubani oweza enkundleni kuqala, uMose kumbe uBalamu? UMose. Ngubani oweza enkundleni kuqala, uJeremiya kumbe uHananiya? Liyabona lokhu engikutshoyo? [IBandla lithi, "Ameni."—Mhl.]

¹⁴⁹ Nanzelela, bakopa. Abalingiseli benyama, bephelele, becabanga ukuthi babe "senzela uNkulunkulu inkonzo," njengalokhu uDavida akwenzayo, iviki elidluleyo, kodwa abalingiseli benyama. Ngilindele nje okomzuzu. Ngifuna ukuthi licabange phakathi laphakathi kwalezi ndawo. Nxa ngingakutsho khona, sibili uMoya oNgcwele uzakwambula, ikakhulu kwabaKhethiweyo. Bona?

¹⁵⁰ Inhlanganiso yesonto kaFaro ithi, "Silendoda engenza leyonto efanayo," futhi bayenza. Bona? Kungani uFaro wenza lokhu? Kungani uNkulunkulu wakuvumela? Kungani uNkulunkulu wathumela umprofethi weqiniso, umprofethi ogcotshiweyo phansi lapho ukuyakwenza isibonakaliso phambi kukaFaro, futhi-ke avumele ikhophi yenhlanganiso yesonto ize futhi ikukope phambi kwabantu? Kungani Wayevumela umlingiseli aphakame ukukwenza khona, futhi enze into efanayo kanye uMoya oqotho kaNkulunkulu ayenzayo? Bona, uMbhalo kufanele ugwaliswe.

¹⁵¹ Nanzelela, Wenza lokhu ukuze Enze lukhuni inhliziyu kaFaro lamaGibhite, ukutshengisa ukuthi uMose wayengayisuye yedwa owayeLizwi. Babesenza yonke into nje ngokufanayo njengoMose wayesenza.

Futhi kungani uNkulunkulu wavumela into leyi yenzakale ensukwini zokucina? Ukuze, into efanayo njengomoya wamanga watsho kuZedekeya, "Sizamenza kanjani uAhabu aphume phandle lapho, ukwenza izinto lezi zigwaliseke?" UzakuBenza njani lababantu, bethembele emabandleni abo, ukuphuma phandle lapha ukwenza linto yenzakale, leyo Ayibikezelayo? Bona, kulesi Sikhathi seBandla leLawodekhiya, "Ngoba wena uthi 'unothile, futhi kawudingi lutho. Ngihlezi njengendlovukazi.' Kawula lutho! Kawukwazi ukuthi ungohluphekayo, lohawulayo, loyisiphofu? Futhi ngiyeluleka ukuza uzothenga kiMi," Wathi, "amafutha legolide." Kungani Wakwenza?

¹⁵² Kungani Wavumela ukulingisela lokhu kuphakame kulezinsuku zokucina, lapho lezi izinto zigwaliseka ngeLizwi

lika Nkulunkulu leqiniso; futhi avumele abalingiseli beze futhi benze into efanayo, futhi baphike iLizwi leqiniso likaNkulunkulu? Wakwenzela uMose. Futhi uFaro wakwenza emelana loMose; futhi lalabo, uJanesi loJambresi, bakwenza bemelana loMose. Futhi iBhayibhili lathi kuzakuphinda njalo ensukwini zokucina. Nanko ke silapha. Manje, nxa lokho kungasiMbhalo ugcwalisiwe, kungaphi ke khona?

¹⁵³ UMose wabatshingela yini futhi esithi, “Lapha! Lapha! Kangeke likwenze lokhu. Yimi kuphela omiselwe ukwenza lokho. Lapha! Kumiseni lokho, khona khathesi?” Wabatshiya nje bahamba.

Wabatshiya beqhubeka. Khumbula, iBhayibhili lathi, “Njengalokho iphutha labo labonakaliswa, kanjalo lalaba ensukwini zokucina bazabonakaliswa,” lapho uMlobokazi ehlwithwa futhi ethathwa esibhakabhakeni. Nanzelela.

¹⁵⁴ UMose, iLizwi leqiniso elibonakalisiweyo, kazange atsho lutho, wakuyeka nje kwedlula. Kodwa Wakwenza lokho ukuze Enze lukhuni inhliziyo kaFaro, ukukhohlisa uFaro.

Wenza yona lento efanayo ukuze Akhohlise uAhabu. Futhi lundoda omcane emi lapho eyedwa, uMikhaya omcane, ebatshele, “ITSHO KANJE INKOSI.” Lapha kwema omunye, egcotshiwe, “ITSHO KANJE INKOSI.” Futhi kuphambene, komunye lomunye.

¹⁵⁵ Siyama lamuhla loITSHO KANJE INKOSI, ukuthi ubhaphathizo lwamanzi ensukwini zokucina kumele lubeseBizweni likaJesu Khristu. Futhi lenye indoda ime futhi yenze izimangaliso, futhi, engoka Ziquntathu.

Ngitshengise ibala lokuthi *ziquntathu* eBhayibhilini. Ngitshengise lapho okulabo Nkulunkulu abathathu khona. Ngitshengise lapho okulezinto ezinjalo ezinjengalokho. Kakukho eLizwini likaNkulunkulu. Akula nto enjalo njengomuntu ebhaphathizwa ebizweni lika “Baba, Nnodana, Moya oNgwele,” esebenzisa lezo zitsho. Zonke izinto lezi, “O, kulungile, bodade. Kulungile, iba nje lezinde. . . inwele zakho ezimfitshane. Kulungile, awudingi ukwenza *lokhu, lokhuyana*, kumbe *okunye*. O, lokhu ngumbhedo, yibuhlanya obudala.”

Kodwa iBhayibhili lathi! Futhi Wathembisa, “Ensukwini zokucina, Wayezathumela uMoya kaElija, futhi wayezabiza abantu, abantwana bakaNkulunkulu, babuyele kuKholo lwakuqala njengalokhu okwakuyikho ekuqaleni, okweLizwi.” Lelo Lizwi laqiniswa, iNnodana yomuntu ensukwini zokucina, okufanayo njengokwakuyikho eSodoma; izolo, lamuhla, lanininini. Wathembisa ukukwenza. Yisithembiso sikaNkulunkulu. Ngu ITSHO KANJE INKOSI.

¹⁵⁶ Nanzelela, benza into efanayo, njengalokho uMose wakwenza, uNkulunkulu waze wanengeka ngakho.

Manje khumbula, ngu ITSHO KANJE INKOSI, kuzakwenzakala kulolusuku. Manje, dinga umhlaba wonke; thatha inkolo yeze yonke, thatha umhlobo wonke, thatha umuntu wonke, thatha ibandla lonke! Ngiyalilaya, eBizweni likaKhristu, likwenze lokhu, lina batshumayeli. Ngiyalilaya ukuba libale amaphephandaba kumbe liqaphelise lobangaphi elifuna ukuya khona, futhi libone nxa kungekho emhlabeni khona khathesi. Bona?

Khona-ke, uMathewu 24:24 uqondile sibili. “Abamanga, abagcotshiweyo bazaphakama ensukwini zokucina, futhi bazakuba ngabaprofethi bamanga, futhi bakhohlise abanengi.” Kukhangele khona emifanekisweni manje, lapho kusiza khathesi, bona, “Baza khohlisa abanengi.” “Abaprofethi,” abanengi; “OKhristu,” abagcotshiweyo, abanengi; abanengi labo abehlukeneyo, amaMethodisti, liyazi, lamaBaptisti, lamaPentekhosti, lokunjalo. Bona?

Kodwa kulowodwa oqotho uMoya kaKhristu, futhi lelo yiLizwi lenziwe laba yinyama njengoba Wathembisa ukukwenza.

Manje sizaqhubeka phambili kancane, kweminye iMibhalo.

¹⁵⁷ Kwaze kwathi, uNkulunkulu wanengeka ngakho, khona-ke kwasokuphelile. Iphutha labo labonakaliswa.

¹⁵⁸ Nanzelela. Khumbula, ikhoba likhangeleka khona njengohlamvu lwengqoloyi. Bona? Manje, awungeke uthi, emuva-le esikhathini sikaLuther, “uhlanga lwaluyingqoloyi,” kodwa-ke kuleMpilo phakathi kwakho. Uhlanga lulungile, iMpilo eyayisehlangeni yayilungile, kodwa, khumbula, iMpilo yaqhubekela phambili; yaqhubeka isuka kuElisha isiya kuElija. IMpilo iqhuba isiya phambili. Kodwa, khumbula, ikwesinye isigaba. Ayingeke ihlale ikuleso sigaba. Angeke sidle inyama ebolileyo yesinye isikhathi. Asingeke sidle okubolileyo kwamaPhentekhosti, amaMethodisti, kumbe amaBaptisti. Bona, sokube ngokubolileyo. SiloKudla okutsha, iLizwi laleli hola, lokunjalo.

¹⁵⁹ Khumbula, ikhoba linjengohlamvu lwengqoloyi xathu. Kawungeke... Akuzange kukhangeleke njengayo emucwini, akuzange kukhangeleke njengayo esitshakaleni, kodwa ngeqiniso kwakhangeleka njengayo ekhobeni. Akuzange kukhangeleke e... UJesu Khristu ofanayo izolo, kuLuther; akuzange kukhangeleke njengayo kuWesley; kodwa ngeqiniso kukhangeleka njengayo ePhentekhosti, kuyi “kuzakhohlisa bona abaKhethiweyo nxa kwakusenzeka.” Bona? Nanzo izikhathi zakho.

¹⁶⁰ Kodwa khumbula, lelobandla lePhentekhosti, ensukwini zokucina, kwakuyi Lawodikeya; futhi uKhristu waxotshelwa phandle, uMongo, iNgqoloyi, ngoKwayo. Lapho Ezama... Khumbula, lapho Ezama ukuzibonakalisa ngokwaKhe

ebandleni, Wakhutshelwa phandle. Kwakulokhe kulibandla, lizitsho ukuba yilo; ligcotshiwe.

Kodwa *nanti* iLizwi, uKhristu ngokwaKhe, yilo iLizwi eligcotshiweyo elizalanda wonke uMzimba waKhe oseleyo, uMlobokazi. Abagcotshiweyo, amanzi afanayo lawo athelezela ingqoloyo, njengoba sikhulume ngakho, njalo athelezela ukhula, abagcotshiweyo. Kuphela abaKhethiweyo, kumbe abamiselwe ngaphambili, bazakwenelisa ukubona umahluko phakathi kwabo. Manje, kwabaseEfesu 5:1 kuyakutshela njalo, futhi mayelana lokuthi kwakunjani khona.

¹⁶¹ Banga bagcotshiweyo. Wonke umuntu uthi, “Dumo kuNkulunkulu! Silenkululeko phansi lapha. Haleluya! Si... O, haleluya! Sikhuluma ngendimi, futhi siyeqa. Silenkululeko yabesifazana; lina bantu lizama ukubabeka ngaphansi kwazo zonke izinto lezi.” Bona? Qhubeka phambili. Kakulalutho ongalwenza. Uthi, “Awu, sikhuluma ngendimi. Siyamemeza. Siyadansa eMoyeni. Siyatshumayela iLizwi.” Ngempela. Akula lento embi yokukhuluma ngakho. Kanjalo ngalamadoda emuva lapha eBhayibhili.

UJesu wathi, “Kuzakukhohlisa bona abaKhethiweyo nxa kwakusenzeka, bona abaKhethiweyo.”

¹⁶² Manje nanzelela, ikhoba... Kusukela eHlamvini lwakuqala, uHlamvu olwaya emhlabathini, Kwakungayisiyo ngitsho inhlanganiso. Kwakulu Hlamvu olulodwa, kulo ngoKwalo. Kodwa lapho luphakama, kwakungayisilo uHlamvu; kwakuyinhlanganiso, bona, amahlamvu, ibele.

Khona-ke Lwangu kwesinye isigaba, okwaye kuyisitshakala. Loba kwakunjalo kwakungekho njengasekuqaleni. Kwakuyi nhlanganiso.

Lwangu ukuba likhoba, amahlamvu amanengi, iPhentekhosti, phose isibumbekile khathesi. Ikhangele. Kuyabumbeka sonke isikhathi, phose khona ngokufanayo, kukhangeleka khona njengoHlamvu lwengqoloyi lapho ubona lelo khasi elincane lapho.

Kodwa ekucineni Kuyabonakaliswa, futhi akula nhlanganiso. Akusela njalo abathwali. Inhlanganiso ingethwalayo nje. Akusela bathwali; ihlanga kumele life, ikhoba kumele life, yonke enye into kumele ife, kodwa ingqoloyi iphila isiya phambili. Yiwo umzimba wokuvuka, uyehla khona phansi futhi ubaphakamisele phezulu. “Labo abangabokucina bazakuba ngabokuqala, futhi labo abangabokuqala bazakuba ngabokucina.” Bona, kuyabaphakamisele phezulu ekuvusweni. Liyakulandela lokhu? [Ibandla lithi, “Amen.”—Mhl.] Kulungile. Nanzelela, uhlamvu lu... .

¹⁶³ Ikhoba likhangeleka njengohlamvu kanye. Futhi indoda elepulazi lengqoloyi, kumbe okunye njengalokho, angakhangele futhi athi, “Dumisa uNkulunkulu, ngilesilimo sengqoloyi,”

lapho engelaso esisodwa isici sengqoloyi. Hmm? Likhangeleka njengengqoloyi kanye, kodwa likhoba.

¹⁶⁴ Manje, bangane, buyelani emuva kanye lami. Yavelaphi imvuselelo yakuqala, emva (kokufa) izinsuku lapho uhlamvu lwengqoloyi kwakumele luwele emhlabathini, uMzimba, uMlobokazi kaKhristu? UKhristu wahlela uMlobokazi waKhe, kuyiko lokho na, iBandla laKhe? Kazange Alihlele; Wabeka nje abapostoli, labaprofethi, lokunjalo, eBandleni, ukuLigcina lihlanzekile. Kodwa eNayisiya, eRoma, amakhulu amathathu lasithupha eminyaka esedlule, balihlela futhi benza inhlanganiso ngakho. Kuyikho lokho na? Futhi kwafa. Yonke into engazange ivumelane kanye lebandla lelo yabulawa. Futhi lalala lithule, okwamakhulu eminyaka, emhlabathini.

Kodwa, emva kwesikhatshana, laphakama likuLuther. Amahlumela amancane akuqala amabele aphuma. Okwesibili, kwahluma kusuka lapho. Baqhubeka, baba loZwingli lokunjalo, futhi lezinye izinhlanganiso lokunjalo. Khona-ke, ngemva kwesikhathi, kweza iAnglican lapho.

Futhi-ke kuyini okwenzakalayo? Nangu lapha esiza uWesley kanye lemvuelelo entsha, isitshakala, esikhangeleka ngokwengezekileyo kancane njengeNgqoloyi. Khona-ke kwenzakalani kulokho? Kwenza inhlanganiso, futhi yawoma futhi yafa.

IMpilo yaya khona ekhobeni, futhi ikhoba laphuma ngokupheleleyo njengeNgqoloyi. Kodwa, ekucineni, ubuwula balo babonakaliswa eminyakeni yokucina eyisificaminwembili kumbe elitshumi, ikakhulu eminyakeni emithathu yokucina. Manje kuyini okukwenzayo? Kuyehlukana leNgqoloyi.

¹⁶⁵ Manje kungani kungazange kube lenhlanganiso eqalisileyo kuliminyaka yokucina engamatshumi amabili yalimvuelelo enkulu; abaprofethi bayo abagcotshiweyo, abafundisi abagcotshiweyo, lokunjalo, kodwa kungani ingabanga khona? Akula lutho ngemva koHlamvu. Bona, Sokuphendukile, kungela nhlanganiso. O, mina, umuntu oyimpumpethe engenelisa ukukubona lokhu. Kungeke kwenza inhlanganiso; kumelana kalukhuni lakho. Kuluhlumvu lweNgqoloyi, ngokwaYo. INdodana yomuntu izabonakaliswa. Uhlamvu lweNgqoloyi luzaphenduka lube Yilo njalo, iNdodana yomuntu ezinsukwini zokucina.

“Futhi kuzabuya abalingiseli baKho bamanga, ensukwini zokucina, okuzaphose kukhohlise abaKhethiweyo nxa kwakusenzeka.” Khangela emakhobeni ezinhlanganiso zabo ezehlukanisa manje.

¹⁶⁶ Kwenza iNgqoloyi yaziwe kuphela, kwaba Khethiweyo, abayingxenye yaKho. Nanzelela kuhle kanganani lokhu kulethwa phakathi lapha khathesi. Kuphela i...Nanzelela, abagcotshiweyo besenelisa; abeqiniso abaKhethiweyo,

bamiselwa phambili, abase Efesu 5:1, kumbe 1:5, bengitsho, bazakubekwa, bekhethiwe. Bayibo kuphela abangasoze bakhohliswe.

Nanzelela, abaprofethi abagcotshiweyo bazakuba ngabamanga, futhi khona phakathi kwakho kuzaba labeqiniso abagcotshiweyo. Uzakubona njani? NgeLizwi. Njengalokhu, silakho ethunzini. Liyakubona na? Wothini, “Ameni.” [Ibandla lithi, “Ameni.”—Mhl.] Bona?

¹⁶⁷ Nanzelela, abagcotshiweyo, iLizwi kuphela lizabehlukanisa, hatshi izibonakaliso. O, hatshi. Bazakwenza izibonakaliso ezifanayo, kodwa iLizwi yilo elibehlukanisileyo. Sibili. Bonke baprofetha. Bonke benza *lokhu*, *lokhuyana*, *lokunye*, sibili, ngokufanayo nje. UJesu wathi bazakwenza into efanayo. Kodwa iLizwi yilo elabehlukanisayo, nanzelela, hatshi izibonakaliso.

¹⁶⁸ Unanzelele? UJesu wathi lapha, kuMathewu 24. Kazange athi, “Kuzavuka oJesu bamanga ensukwini zokucina.” O, hatshi, abasoze bakumele lokho. Hatshi. Uyathatha umPhentekhostali ongumPhentekhostali uqobo, ethi, ngokwakhe, yena ungu “Jesu”? Bona? Uyathatha um’Methodisti wamanga, kumbe umBaptisti, kumbe omunye umuntu njenga lokhu, kumbe enye yezinhlanganiso, uthi, “Singu Jesu”? Bazingcono kulalokho. Kabayi kukwenza lokho. Kodwa iBhayibhili lathi kuzakuba “laboKhristu bamanga,” hatshi oJesu, kodwa, “oKhristu bamanga.” Kabayi kukwamukela, uthi, “Ngingu Jesu.” O, hatshi.

¹⁶⁹ Kodwa bango “Khristu bamanga,” futhi kabakwazi, ngoba baphambene leLizwi. Futhi uNkulunkulu uyaqinisa okufanayo. Manje, ngiletha lokhu nje ekuvezweni obala kweqiniso manje, ngoba libonile into efanayo isenziwa ngabantu laba isenziwa kokuqotho. Futhi uJesu watsho njalo.

¹⁷⁰ Manje, njengoba ngitshilo, manje kini lina bantu elise, ezweni elilalela ngefoni lapho, ka—kangilicali, kodwa leli libandla lami futhi—futhi leqembu lami lelo uMoya oNgewele angibeke phezu kwalo, futhi kufanele ngibatshela iQiniso. Isikhathi sesihambile.

¹⁷¹ Manje, bangeke bakumele lokho, kodwa, “oKhristu bamanga,” abagcotshiweyo, bamanga, phose belesibonakaliso sonke futhi zonke inhlamvu zamabala eLizwi. “Bayakholwa ubhaphathizo lukaMoya oNgewele?” Ngeqiniso. “Bayakholwa kukho konke *lokhu*?” Yebo. “Bayakholwa ekukhulumeni ngezindimi?” Yebo. “Bayakholwa izibonakaliso lezimanga ziyalandela, izibonakaliso zizabalandela?” Yebo. Kayisibo iMethodisti, kayisibo iBaptisti. Hatshi, hatshi. Lawo ngamaPhentekhostali. Bona, lolu lusuku lokucina.

Manje, isikhathi sebandla lokuqala sasingasoze sikunanzelele lokho. Isikhathi sebandla leMethodisti sasingasoze sikunanzelele lokhu; isikhathi sebandla

leBaptisti, kabazange bakunanzelele lokhu; isikhathi sebandla lePresbyterian, kabazange bakunanzelele lokhu. Kodwa, amaPhentekhostali, aseduze sibili njengeNto uqobo! Yikho lapho, iNgqoloyi. . . ikhoba liphosa libe njengeNgqoloyi. Kabasoze bakunanzelele. Bona? Bona kabasoze. Kodwa yizinsuku zokucina, usuku lolu. Yebo, mnumzana.

¹⁷² Nanzelela, njengalokhu okwakuyikho ekuqaliseni, kuzaba yikho ekucineni. Njengo Eva nje wachasisa ngokungayisikho iLizwi elilodwa, uSathane wakwenza kuEva, futhi wakukholwa. Yena owesifazana, hatshi owesilisa; ibandla, hatshi Yena. Bona? Bona? Bona? Bona? Bona? Bona? Hatshi uAdamu; uEva. Hatshi uKhristu; ibandla, umlobokazi, abagcotshiweyo, kufanele babenjalo, uzibiza ngokuthi uMlobokazi, bona, wathatha ilizwi lamanga.

Kalikuboni lokho? Ngani, kuyabophanisa ndawonye njenge ntambo zezicathulo, njenge nkophe emehlweni akho. Ngani, yonke into oyakuya kuyo, iBhayibhili, khona nje kuyayihlanganisa ndawonye. UEva, hatshi uAdamu; uEva wakukholwa, hatshi uAdamu. Umlobokazi lamuhla, obizwa ngokunjalo, wakukholwa; hatshi uKhristu. Umlobokazi ulenhlobo zonke, obizwa ngokuthi umlobokazi; izibonakaliso ezifanayo, izimanga ezifanayo, yonke into efanayo; kodwa hatshi lowo oNgqotho. “Khohlisa abaKhethiweyo nxa khona kwakusenzeka.”

Manje ngokuphangisa, nxa singenelisa ukuqeda lokhu emzuzweni elitshumi lanhlanu, sizakubamba isikhathi. Nanzelelisani manje, ukuze lingabi—lingabi ngabangazwisisiyo, kini.

¹⁷³ Manje, hatshi, kabasoze bakumele ukubizwa ngokuthi “uJesu wamanga.” Bangeke, bakumele ukubizwa, “Jesu.” Sibili hatshi. Lokho kusobala kakhulu. Loba ngubani angabakwazi lokho. Loba ngubani angabakwazi ukuba babengasibo uJesu. Kangila ndaba nxa babelamafutha emhlane yabo, legazi ezandleni zabo futhi phezulu-la-phansi emehlweni abo, bayabe belokhe bekwazi ukuthi. . . Loba ngubani olengqondo, ubakwazi kwakungasuye uJesu. Bona? Bangeke bakumele lokho. Kodwa bazibiza “abagcotshiweyo.” Futhi benza izibonakaliso lezimangaliso, “phose ukukhohlisa abaKhethiweyo.” “Kodwa oKhristu bamanga, abagcotshiweyo, bazavuka, futhi bakhohlise abaKhethiweyo nxa khona kwakusenzeka.”

¹⁷⁴ Manje khangelisisa. Ungaseqi isitsho lesi, ngoba sifanelwe ukulalelwa.

Ufaka nje ithephu kulimakrofoni lapha, ukuyenza ingabe isiyale lale. Bengijuluka; kuthontela phezu kwethephu, uyabona.

¹⁷⁵ Futhi-ke kuzakuba njengaKho, iBhayibhili, lathi kuzakuba njalo. Bona?

¹⁷⁶ Nanzelela, hatshi oJesu bamanga. “OKhristu bamanga!” Bayakholwa bagcotshiwe, kodwa bayakwazi ukuthi kabayisibo uJesu. Bona, lokho kusobala kakhulu. Nxa indoda isenyuka futhi ithi, lamuhla, “Khangela amanxeba esandleni sami. Khangela isiphaqa sami. Ngingu Jesu.” Awu, manje, siyakwazi ukuthi lokho akusikho. Futhi, khumbula, uJesu kazange atsho ukuthi lawo madoda azakubonakala. Wathi kuzakavela “oKhristu bamanga.” “OKhristu,” abanengi, izinhlanganiso zamasono, lokunjalo, *abagcotshiweyo*; abagcotshwe ngomoya wenhlanganiso yesonto, futhi hatshi iLizwi. Liyakulandela lokhu? Hatshi uJesu wamanga. “OKhristu bamanga,” abagcotshiweyo, bamanga. Bona? O, kusobala kanjani! Kanjani si. . . Sibili kawusoze ukweqe lokhu!

¹⁷⁷ Manje, khumbula, ngihleli ngilitshela ukuthi kulezigaba ezintathu zabantu. Kulemihlobo emithathu yabantu: uHamu, uShemu, loJafethi, imihlobo emithathu. Izigaba ezintathu, futhi ngathi, lezo likholwa, umzencisi, longakholwayo. Kuhlezi kunjalo, kuzahlala kunjalo. Bona? KwakuloMose, ikholwa; kwakulo Janesi loJambresi; abangakholwayo. Bona? Kwakulo Balamu; uMose. . . Izikhathi zonke lezo zigaba ezintathu zabantu, izigaba ezintathu; ikholwa, umzencisi, longakholwayo.

¹⁷⁸ Manje khumbula, ongakholwayo, ibandla lenhlanganiso yesonto, kabakholwa kuloba yisiphi isibonakaliso lakancane; bayaqanda, ukubamba amehlo nje, balukhuni, ibandla elisemhlabeni, inhlanganiso yesonto. Kodwa umzencisi yilelokhoba. Yiyo indoda ezenza umkholwa. Futhi-ke kulekholwa lempela eleqiniso sibili. Manje, bakhangele lapho beqhuba manje, okomzuzu nje.

¹⁷⁹ Futhi nanzelela ukuthi balesibindi kanjani laba abangakholwayo, kumbe laba abazencisi labangakholwayo. Minabo! Balesibindi, khangela, lalapho uSathane esima khona ebuKhoneni beLizwi leqiniso, futhi wathi, “Kulotshiwe!” Kuyikho na?

Kungani uSathane wenza lokhu? Kungenxa yokuba kazange abekwazi iLizwi lalalelo. . . Wayekwazi iLizwi lalingelalelo hola, kodwa wathandabuza liNdoda ethobekileyo encinyane esiba yiLizwi lelo. “Nxa Wena uyiNdodana kaNkulunkulu. Ngiyazi iNdodana kaNkulunkulu iyabuya, ngoba khona Kwathi Yena uzakwenza lokho. Futhi kulotshiwe, ‘Yena uzakupha iNgilosi zaKhe isilayezo ngaWe.’ Bona? Kutshengise lokhu kimi! Yenza isimangaliso! Mangikubone Wena ukwenza.” Bona? Bona?

Bona, ongakholwayo, umzencisi, umlingiseli. Khangela uJudasi khona phakathi kwabo, ngesikhathi sinye, umzencisi ikholwa! Bona? Nanzelela, futhi nanto lapho iLizwi leqiniso.

¹⁸⁰ Balesibindi kanjani! “Manje, ungalaleli kulowombhedo. Kakula lutho kuKho. Ungahambi khona lapho. Kulixuku lomsindo nje. Kakula lutho kuloKho. Lokho yinto nje engekho.

Kusengqondweni yakho.” Bona, bona lokhu engikutshoyo? Wema khona ebuKhoneni beLizwi futhi wakatsho.

¹⁸¹ USathane wangena khona phakathi. Njengoba iBhayibhili latsho lapha kuJuda, “Ngitsho leNgilosu enkulu, lapho iphikisana loSathane, yathi, ‘INKOSI ikukhuze.’” Emelana leLizwi Ngokwalo!

Futhi nangu umphikukhristu, ogcotshiweyo, emile khona lapha emelana leLizwi eliqotho lalolosuku, uJesu Khristu, futhi wathi, “Kulotshiwe.”

¹⁸² Khangela ensukwini zokucina. “Kuzakuba seduze duze kuzakhohlisa bona abaKhethiweyo nxa kwakusenzeka.” O, minabo! Isizatho abakhethiweyo bengasoze bakhohliswe, liyazi ukuthi kungani? Kungoba bayiLizwi. Bona? NjengeMpilo esempandeni, ngitshilo isikhatshana eseduleyo, Ayingeke izilandule ngokwaYo. Bona, kuliLizwi futhi esikhathini seLizwi. Kunjalo.

¹⁸³ Njengo Jeremiya, wayesazi. Kungela ndaba ukuthi uHananiya wathini, wayekwazi lapho ayekhona. Kunjengalokho uMose akwenzayo, futhi—futhi labanye babo bonke. Yikuba, wayesazi, kungelandaba ukuthi umprofethi wamanga uthini, lali lapho iLizwi likaNkulunkulu. Lalilotshiwe.

Yiso isizatho uMikhaya wayengathi, “Kulungile, wena mana nje futhi ubone.”

UAhabu wathi, “Ngiyabakholwa abaprofethi bami. Inhlanganiso yami iqondile. Lapho ngiphenduka ngokuthula . . . Fakani leyondoda phakathi entolongweni. Ngizakumbona! Umpheni isinkwa sokuhlupheka. Umxotsheni, lingabi lobudlelwano laye lakancane. Lapho ngiphenduka ngokuthula, ngizakumbona lowo ndoda.”

¹⁸⁴ UMikhaya wathi, “Nxa ungaphenduka sibili, iNkosi kayizange ikhulume kimi.” Wayesazi wayelo ITSHO KANJE INKOSI, lombono wakhe wawukanye loITSHO KANJE INKOSI; kungayisikho okwesinye isikhathi, kodwa okwesikhathi lesa. Amen! Haleluya! Isikhathi!

¹⁸⁵ Isibindi, ukuma futhi aphikisane leNgilosu enkulu! Kwake kwatshiwo, ukuthi, “Iziwula zinyathela ngezicathulo ezilezipikili ezihlabayo phansi kwazo lapho iNgilosu ezesaba ukuhamba khona.” Kunjalo.

¹⁸⁶ Isizatho abaKhethiweyo, uJesu wathi, kabasoze bakhohliswe, ngoba bayilelo liLizwi. Abangeke babe ngenye into. Abangeke bezwe olunye ulutho. Abazi olunye ulutho. Kunjalo.

Khumbula, uMose kazange athatheke ngokulingisela kwabo konke. Ngabe? UMose wathi, “Manje, mana okomzuzu, Faro. Uyazi ukuthini? INkosi ingitshelile ukuthi ngenze lokhu, kodwa, udumo kuNkulunkulu, ngiyabona ukuthi

abafana bakho bangenza into efanayo. Ngakho, ngiyakutshela lokhu engizakwenza, ngizazihlanganisa lani"? Huh! Lokho akuzwakali njengo mprofethi kaNkulunkulu. Hatshi, sibili! Wema nje eqinile njengokukwanisa kwakhe. Wakwazi, khona kanye, uNkulunkulu wayezakukunakekela lokhu ngezinye indlela, ngoba Wathembisa ukukwenza. "Ngizakuba lani. Kangiyi kulisithiya."

¹⁸⁷ Wayekwazi, ngakho kazange azihlanganise labo. O, hatshi. Wahhlala kanye labo. Kazange afune lutho lwezinhlanganiso zamasonto abo. Wahhlala kanye loNkulunkulu. Kazange athatheke ngezinto zonke ababengazenza. Lapho besenza into eyodwa... Waletha intwala; baletha intwala. Waletha igazi; baletha igazi. Waletha into yonke; bona bamlingisela yonke indlela, behamba ngokunjalo. Wema nje wathula. Wayekwazi khona okuyikho, ukuthi, uNkulunkulu wayesemsebenzini.

Liyazwisisa manje? [Ibandla lithi, "Ameni."—Mhl.] Uyathatha okubili lokubili, futhi kwenza okune? ["Ameni."] Awufuni kutshise nzima sibili. Ngakho-ke, ngakho-ke li—liyazwisisa, bona.

¹⁸⁸ Ngani? Abasoze bakhohliswe ngakho, ikholwa leqiniso, bona bayiMbewu emiselwe phambili ukuthi kufanele ime osukwini lolo.

¹⁸⁹ Nje, futhi, uJesu watsho lokhu, "Abanengi bazabuya kulolosuku, eBizweni laMi, futhi bathi, 'Nkosi, angizange ngxotshe amadimoni eBizweni laKho?'" uJesu wathi, "Ekucineni kwezinsuku, lapho isikhathi sesiphelile futhi ukuvuswa okukhulu sokubuyile, ukuthi abanengi bazabuya futhi behlale phansi eMbusweni." UMBuso kaNkulunkulu ungaphakathi kwakho.

Abanengi, ukhula luzabuya futhi luhlale phansi kanye leNgqoloyi, ithi, "Manje, mana umzuzu, Nkosi! Ngakhuluma ngendimi. Ngamemeza. Ngadansa ngikuMoya. Ngaxotsha odeveli. Ngakhuluma ngendimi. Ngenza zonke izinto lezi."

Wathini Yena? Nanzelela. "Lina benzi bobubi, Angizange ngibelazi."

¹⁹⁰ Kuyini *ububi*? Buza omunye umuntu. Yi "into oyaziyo ukuthi kufanele uyenze, futhi wena ungayenzi." Bayalazi iLizwi lelo. Bayalizwa Lona. Ulalele ithephu leyi. Ulalele kuMbiko lowu. Uyabona iNkosi uNkulunkulu esitsho njalo; uyabona Ekuqinisa, ekwenza kube liqiniso. Futhi uyazi loKhu nje ngokusobala njengelinga likhanya phandle, kodwa wena ozabambelela enhlanganisweni yesonto yakho, ubambebele kulezo zinto zamanga; wena menzi wobubi!

"O, yebo, ngaba lemikhankaso emikhulu. Ngenza *lokhu*. Ngenza *lokhuyana*."

Wathi, “Suka kiMi, wena menzi wobubi, Angizange ngibekwazi.”

¹⁹¹ “Awu, uMoya oNgcwele wawela phezu kwami.” Angikuthandabuzi lokho lakancane. “Ngakhuluma ngendimi. Ngahlabela ngikuMoya. Ngenza...” Angikuthandabuzi lokho lakancane. Akula mbuzo kulokho. O, mfowethu, dade, ngumhlobo bani wesimo!

Lesi yisikhathi sokuthuthumela. Singaphi na? Leli Lizwi liza ekuPhileni khathesi. Nanzelela.

¹⁹² Yebo, Wathi bazakwenza lokho. Nanzelela, “Lina benzi bobubi.” NgiloMbhala olotshwe phansi lapha. Angikwazi nje lapho okade ukhona. Ngithethe isikhathi esinengi. Ngizawukhangela, umzuzu nje, futhi ngibone obekuyikho. Ngithole—ngithole uMathewu 7:21. A—angazi ukuthi ngaphi. Mina, kwezinye izikhathi angibhali lutho phansi kanye lawo, awu, awu—ngitshumayela njenga lokhu, ngi—ngiyakhohlwa ebengikade ngikhuluma ngakho eMbhaweni. Mathewu 7:21.

Kakusibo bonke abatshoyo kimi ukuthi, Nkosi, Nkosi, abazakungena embusweni wezulu; kodwa lowo owenza intando kaBaba wami osezulwini.

Abanengi bazakuthi khona kimi ngalolosuku, Nkosi, Nkosi, asizange siprofethe na...

Abaprofethi, abagcotshiweyo! Kunjalo? “Sasingayisiye umprofethi? Sasingagcotshwanga na, abagcotshiweyo? Angizange ngiprofithe eBizweni laKho? Futhi eBizweni laKho angizange ngikhuphe odeveli?” Ungakwenza njani lokho, futhi uyale ukubhaphathizwa eBizweni likaJesu? Bona? O, minabo! Bona kukhohlisa okunganani? Kuze kufike kuleso sigaba, kubekke sekubuyela emuva. Bayahamba bafike khona eLizwini, besebe buyela emuva. Manje khangela lokhu. Siyakhupha lokhu, nje okomzuzu.

Abanengi bazakuthi khona kimi...Nkosi, Nkosi, kasizange siprofethe, besingaba profethi?...

Yebo, ngikhulume ngalokho kuMathewu 24:24.

...futhi ebizweni lakho...sakhupha amadimoni? futhi ebizweni lakho senza ezinengi izima-... imisebenzi eminengi?

Futhi-ke ngizavuma khona kibo, Angizange ngibelazi: sukani kimi, lina benzi bobubi.

“Lapho kwabekwa phambi kwakho futhi waKubona, futhi waKubona kuhamba, waKubona kwaye kuliLizwi; futhi ngenxa yenhlanganiso yesonto yakho, wabambelela kukho. Angizange ngibelazi. Angila ndaba odeveli bangaki elabakhuphayo, kungaba ngakanani elakwenzayo lokhu lalokhuyana; angizange ngazi ulutho ngawe.”

UBalamu wathi, “Ngaprofetha kuhle, eBizweni laKho. Kwagcwaliseka.”

¹⁹³ “Lokho yikho kanye, kodwa, lapho kusiza eLizwini, laKuyala.”

O, mfowethu, bona isigaba esikhohlisayo? Hatshi “umprofethi,” isibili; kodwa kanye leLizwi, iLizwi leqiniso, iLizwi eliqinisiweyo elibonakalisiweyo. “Lina benzi bobubi!”

¹⁹⁴ Zama, uSathane uzamile kuzozonke izikhathi ukulingisela iLizwi leqiniso. Siyakwazi lokho, asikwazi na?

¹⁹⁵ Nanzelela, ukubuya khona emzileni womngcele futhi ubusubuyela. Khangela lapha, wathi, kumaHebheru isahluko 6 (Manje, besibala isikhatshana eseduleyo, ngilitshelile, ukuthi “libuyele emuva kuwo,” futhi sizenza okwemizuzu emilutshwana elandelayo.), wathi:

...kodwa *ameva* lokhula...*useduze* lokulahlwa;
ukucina kwawo kuyikutshiswa. (Umzila womngcele!)

...lina eselinambithile...*isipho sasezulwini*,...

“Nambithile,” ngamanye amazwi, liKubonile! Awungeke [UMfowethu Branham uyancamuza indebe zakhe—Mhl.] ukuLinambitha ngomlomo wakho. Kodwa uLibonile, futhi wabakwazi ukuthi liQiniso. Ubekwazi ukuthi liQiniso. “Wanambitha isipho seZulwini.”

...futhi *lenziwa abahlanganyeli bakaMoya*
oNgcwele, njengalokho Wehlela phezu kwenu,

...*lanambitha okwelizwi elihle likaNkulunkulu*,...

“Wanambitha,” wabona ukuthi kwaKuliqiniso. “Futhi uMoya oNgcwele esehla phezu kwakho,” ukhula ensimini.

...futhi-ke ube *usuhlamuka*,...

“Uphika uKhristu uqobo lowo owakungcwelisayo, futhi wakubiza, futhi wabeka lologcobo phezu kwakho.”

...*akusekho umhlatshelo wesono*, ngalokho.

Akulakuthethelelwa! “Kakulakwenzeka ukuba baze elwazini lweQiniso.”

Ngoba akulakwenzeka kulabo ababe...abenziwa
abahlanganyeli bakaMoya oNgcwele,

Kwawela phezu kokhula, bona, “Baqala loJesu, futhi, ‘Nkosi, ngihamba indlela yonke,’” kodwa lapho utshaya iLizwi, uyabuyela emuva. “Benziwa abahlanganyeli kuMoya oNgcwele, futhi baze banambitha, kumbe babona iLizwi ngoKwalo libonakalisiwe.” Futhi-ke ubusufulathela kuLo, “Akulakwenzeka ngempela ukuba baKubone kumbe baze kuKho.”

Lowo ngu UTSHO KANJE UMBHALO. Manje, wena... “Amazulu lomhlaba kuzadlula, kodwa Wona awusoze.”

Uyakubona? “Akulakwenzeka ngempela.” IBhayibhili latsho njalo, loMoya uyavumelana lakho.

¹⁹⁶ Nanzelela, ngike ngiliphe umzekeliso omcane. Khangela kulabo bantu abaphuma phansi kwesiprofethi sikaMose, abaphuma kuleyo nhlanganiso, futhi baphuma entweni yonke, phansi kwesiprofethi, babona imisebenzi emikhulu lezimangaliso, futhi lezinto ezinjengalokho, futhi beza emngceleni wokungena phakathi.

Manje, Lee, nanko kusiza elakho “ibizo eBhukwini.” Bona? Usukulungisile. Futhi lina elingekho lapha, futhi phandle e—ekuxhunyweni kwefoni, nguDokotela Lee Vaile ohlezi lapha. Yena uyalolonga uhlelo lolimi lwebhuku leli leziKhathi zeBandla eziyisiKhombisa. Futhi uhlupho lweza, kumbe umbuzo, mayelana ngelakho “ibizo lukhutshiwe eBhukwini lokuPhila leWundlu.” Bona, kuyaphica abatshumayeli abanengi. Kodwa mana uze ulithole ibhuku, uzakuzwisisa khona nxa nje ulakho ukuKhanya phakathi kwakho. Bona?

¹⁹⁷ Nanzelela, manje, uzafulathelisa ikhanda lakho futhi ungasoze ukukhangele Khona nxa ungafuni ukukubona Khona. Njengo mama wami wayejwayele ukuthi, “Awungeke uthole igazi kutheniphu, ngoba kakula gazi phakathi kwayo.”

¹⁹⁸ Nanzelela, ukuKhanya kumele kuze; kakukho ebumnyameni. UkuKhanya kuza ebumnyameni, futhi ubumnyama kabuKuqondi. Nanzelelani manje abagcotshiweyo kulolusuku.

Njengo Mose wakhupha labo bantwana bakoIsrayeli; futhi balalela futhi bonke badideka ngaleso sizwe esikhulu phezulu lapho. Manje, uIsrayeli wayengameli inhlanganiso yesonto. Wayengela lizwe, engela khaya. Waye esiya ekhaya.

Asila bandla. Asi silo... Si—siya eBandleni, iBandla leZibulo, iBandla eliseNkazimulweni; hatshi ibandla elisemhlabeni, ngomuntu. IBandla eliseNkazimulweni, ababizelwe phandle, abamiselwe ngaphambili eMpilweni elaPhakade, bona, besiya eKhaya labo.

Futhi lapho besiza endaweni ukuchaphela phetsheya, bathandabuza iLizwi, futhi baphenduka. Ngemva kukaJoshuwa loKhalebu labo ababechaphile futhi baphenduka bethwele isihlukuzo samavini, ukutshengisa kubo ilizwe lalikhona, iLizwi lesithembiso sikaNkulunkulu, “Kwaku lilizwe elihle, uchago loluju.” Futhi babuya lakho, nganeno, ukubatshengisa. Futhi bakunambitha, futhi bathi, “O, o, asingeke sikwenze, lobakunjalo.”

Kwenzakalani? Babhubhela enkangala. Bahlala khona lapho futhi bazihlela, futhi bafa, wonke munye wabo, kodwa labo abachaphayo futhi babuyisa, uJoshuwa loKhalebu; uMose waguqulwa. Umfanekiso wokulindela kweBandla; futhi lokuvuswa kweThestamente eliDala, iThestamente eLitsha;

futhi loMzimba ohlwithiweyo. Bona okuthathu lapho? Kufanele ugcine okuthathu emzileni, bona, njengalokho, phakathi kwekholwa longakholwayo. Bona?

¹⁹⁹ Nanzelela ukuthi khona kwakunjani “ngokupheleleyo.” Khumbula, uNkulunkulu kazange waxolela isono lesi. Manje baya kuya ngena kanjani phakathi? Nxa kungameva, ekuqaleni, kungameva ekucineni. Kuphela abamiselwe phambili bazaKubona.

²⁰⁰ Nanzelelisani khathesi. Njenga sezinsukwini zikaMartin oNgcwele, khona ngaphambi kweZikhathi zobuMnyama; indoda encane elobunkulukulu. Bangaki asebake babala imibhalo kaMartin oNgcwele? Abanengi benu selakwenza. Sehla ukuthatha imibhalo kaMartin oNgcwele; umpristi wathi, “Kodwa kazange angcweliswe.” Sibili, yena kazange; hatshi ngabo, kodwa wenzwa nguNkulunkulu. UMoya oNgcwele wasitshela ukumbeka khonalapho kuleso sikhathi sebandla sesithathu. Bona?

²⁰¹ Khangela ukuthi waye yindoda encane elobunkulukulu kanjani; ebiziwe, emiselwe phambili. Abazali bakhe, amahedeni. Ubaba wakhe, isotsha. Wayefanele alandele indlela yakhe, ukuba lisotsha. Futhi, lapho ekwenza, futhi wayehlala ekholwa ukuthi kuloNkulunkulu kwenye indawo; indoda yeganga, futhi wayembona uNkulunkulu. Ngolunye usuku wadlula ngakwelinye idolobho, futhi lapho kwakulesibhonda esasilele lapho, sisifa, sicela omunye umuntu. . . Wayegodola lobo busuku. “O,” wathi, “akungiphe enye into ukungembathisa; ngizakufa lobu busuku.”

²⁰² Akula muntu owayengakwenza khona. Futhi uMartin wamela ngakwelinye icele futhi wamkhangela okwesikhathshana. Akula muntu owayengakwenza. Wayelejazi elilodwa kuphela. Wayezawoma ngomqando, ngokwakhe, wayesemsebenzini, nxa yena—yena wayengamupha lelojazi. Ngakho wacabanga, “Sobabili silethuba lokuphila nxa ngingabelana laye.” Ngakho wathatha ijazi lakhe yena, futhi walidabula kabili ngenkamba yakhe, futhi wagoqela isibhonda esidala phakathi kwalo. Wazigoqela ngejazi lakhe.

Wonke umuntu wathi, “Khangela ngugadi bani okhangeleka eyinhlekisa. Khangela lisotsha bani elikhangeleka liyinhlelekisa, ingxenye yejazi limgoqele!”

²⁰³ Ubusuku obulandelayo, lapho engekho emsebenzini futhi elele embhedeni wakhe, wavuswa. Wakhangelana, kumi lapho endlini, futhi lapho kwema uJesu Khristu egoqelwe kuleso siqephu esidala sesambatho ayemgoqele ngaso. Wazi khonapho, “Lokho elikwenzayo kwabancinyane baMi, lokho likwenzile kiMi, kwabagcotshiweyo baMi,” elele lapho.

Wayeyinceku enkulu kaNkulunkulu. Ibandla lenza inhlekisa ngaye, lamhlukuluza, lamkhahlelela phandle, futhi layonke

enye into, kodwa wayengumprofethi kaNkulunkulu. Lokhu akutshoyo kwagcwaliseka. Babekhona abanengi abakholwa kuye kuleso sikhathi, njalo.

204 Ngifuna ukulitshengisa ukuthi ukhohlisa okunganani udeveli. Ngolunye usuku wayehleli endlini yakhe yokutaditshela. Kwaphakama kusiza ingilosi elamandla, umqhele usekhanda layo, igqoke izichathulo zegolide, intambo zibotshelwe izambatho zakhe zegolide, futhi wathi, “Martin, uyangazi?” Wathi, “NgiyiNkosi loMsindisi wakho. NginguYe lowo owakusindisayo. Ngikhonze, Martin.” Kodwa lowo mprofethi, esazi kwakukhona okuncinyane okungejwayelekanga lapho, waqhubeka emkhangele. Wathi, “Martin, NginguMsindisi wakho, uJesu Khristu. Ngikhonze! Kawungazi na, Martin?”

205 UMartin waqhubeka emkhangele, uMbhalo ugijima engqondweni yakhe. Wathi, “Sathane, suka kimi.” Wathi, “Wena ulomqhele ekhanda lakho. Futhi iLizwi likaNkulunkulu lithi abaKhe ‘abangcwele bazaMethesa umqhele’ ekucineni kwesikhathi.”

Bekungeke lokho kube yisithiyi samaPhentekhosti? Khangela iLizwi lelo, mfowethu. Yikho lapho okusiza khona.

206 Ngolunye usuku, njalo, esigodlweni sezokukhonza, babe longcwele omdala phansi lapho, lexuku lamamonku abasasebatsha. Kwakulomunye wabo owayengathi uyaphangisa ukucaphuka. Khangela lokhu, nanku umfanekiso omuhle—omuhle lamuhla. Yena wayefuna ukuba ngenye into engaphezu kwabanye bonke. Waye funa ukuzibonakalisa, amandla wonke, enye into enkulu, enye into engcono, uhlobo olungcono, uyazi, futhi enye into enkulu. Kwakufanele abe luhlobo olungcono. Sonke isikhathi wayefuna abanye abazalwane benga... Uyazi, wayemele abe ngowahlukileyo. Bona? Yena, kungenani lokuthi kwakuyini, wayelo buqholo kakhulu. Waye yimbokodwana eyodwa ekhunjini. Kwakungela muntu owayengambamba. Manje khangela lokho okwenzakalayo. Wayemele abe lenye into enkulu. Wayemele azilinganise kanye lama—lamasosayathi amakhulu. Liyangilandela na? Bona? Ngakho-ke, wathi, waprofetha. Wathi, “INkosi ingenze umprofethi, futhi. Ngingumprofethi.”

Manje, Kwaku loyedwa owazakalayo umprofethi elizweni, futhi lowo kwakungu Martin oNgcwele; wazalwa engumprofethi.

207 Kodwa lumntwanyana wathi, londoda osemncane wathi, lumonku osemncane ophosa abe lamatshumi amabili lanhlanu yobudala beminyaka, wathi, “INkosi ingenze umprofethi, futhi ngizakufakaza kini lokhu.” Wathi, “Kulobu busuku iNkosi izanginika esikhulu, esihle isembatho, esibeke phezu kwami,

isambatho esimhlophe, futhi ngihlale phakathi kwenu. Khonake lonke lizakuza kimi, bona, futhi lizakuthatha izilayezo kimi.”

208 Manje fananisa lokhu lamuhla, bona, “Ngizakuba yinhloko yehlenganiso. Ngizakulinakakela lina, lonke mamonku.”

Futhi ngeqiniso sibili, “Lobo busuku, ukukhanya kwangena esakhiweni,” yikho okutshiwo ngumbhalo kaMartin oNgcwele. Uwubale wona. Futhi uleqiniso. Kuyi mbali. Futhi ukukhanya kwangena lapho, futhi labanye bonke bakhangelela, futhi nanku kusiza. . . Wayegqoke isembatho esimhlophe, emile phakathi kwabo. Wathi, “Liyabona engilitshele khona?” Kodwa lokho kuyaphikisana leLizwi.

209 Futhi lapho ehamba esiyalanda umkhokheli omdala wekholitshi, wahamba esenyuka-lo-kwehla kancinyane, wathi, “Ndodana, lokho akuzwakali kahle.” Wathi, “Kulendlela eyodwa kuphela.” Nansi lapha! “Kulendlela eyodwa kuphela kithi ukuba sibekwazi. Kwakhangeleka njengokomoya.” Mfana, iPhentekhosti yayizakubamba lokho, impande, isicwiliso, intambo, ihuka, futhi layo yonke into! Wathi, “Isimanga singakhangeleka sisihle, kodwa asikhangeleki sisihle eLizwini. Manje, silo muntu onjalo, umprofethi ogcotshiweyo, obizo nguMartin. Woza, uye phambi kwakhe.”

Lindoda yathi, “Hatshi, hatshi! UMartin akala lutho lokwenza kanye lalokhu.”

210 Futhi wathi, “Uyahamba, kungenani.” Futhi bambamba ngengalo, ukumhambisa phambi kukaMartin, futhi isembatho samtshiya.

211 Bona, “Ukukhohlisa abakhethiweyo nxa khona kwakungenzeka.” Bona, bayabazi bona. UJesu wathi, “Izimvu zaMi ziyalazi iLizwi laMi.”

“O,” uthi, “ziyezwa elaMi *iLizwi*.”

Yilo iLizwi laKhe. “Umuntu akayi kuphila ngesinkwa kuphela, kodwa ngeLizwi lonke.” Bona? Abamiselwe ngaphambili bayakwazi lokhu. “Ilizwi elingaziwayo, kumbe iphimbo elingaziwayo, abayi kulandela.”

Yiyo indlela ngalawo madoda emuva le; babengalandeli. Babekwazi ukuthi uMartin wayekhona, umprofethi waleso sikhathi, ebonakaliswe nguNkulunkulu ngeLizwi, wabalazi iLizwi. Futhi lowondoda wayengeke ame phambi kwaLo.

212 Wathi futhi, “Lapho okulesiDumbu khona,” kumbe iLizwi, “lapho, ngesikhathi, ingqungqulu zizakubuthana.” Manje lowo nguMath- . . . Lifuna ukukubhala phansi, lokho nguMathewu 24:28. Ungakafiki lapho kancinyane nje, uMathewu 24:24; indima ezine ngaphansi kwakho, bona, nxa ufuna ukukubamba. “Lapho isiDumbu esikhona,” iMana ekhona, iLizwi elikhona, “lapho ingqungqulu ziyabe zibuthene.”

213 Manje sokufanele ngiphangise. Ngikhangele phezulu lapho ngabona ukuthi kuyisikhathi... So—sokuyimizuzu eyisikhombisa kumbe eyisificaminwembili ngemva kweletshumi lambili. Ngizaphangisa masinya sibili, kumbe singaqedisa kulobubusuku, loba yikuphi elingafuna ukukwenza. Lokhu kusa kumbe lobubusuku? Huh? Bangaki okufanele bahambe ngekhaya lamuhla emva kwenkonzo, asiboneni isandla senu, bona. O, minabo, kungecono siqhubekele phambili!

Ngiyaxolisa ukubabamba abantu efonini phandle lapho njenga lokho, kodwa ngizaphangisa. Kuqakatheke ukwedlula imali yakho. Ngiyakhohlwa kunjalo, kimi, bona. Imali yakho izabhubha. Lokhu akusoze; kuliLizwi. Bona?

214 “Lapho okukhona isiDumbu, lapho ingqungqulu ziyabe zibuthene khona.” Lapho isiDumbu, lapho o—o—okubuleweyo okukhona, lapho ingqungqulu zizabezibuthene. Lapho iNyama entsha ekhona, iLizwi lesikhathi, lapho ingqungqulu zizakubuthana.

Kodwa emva kokuba isibolile, yikho-ke amanye azabhezela kiyo. Yebo. Bona engikutshoyo? Lapho sokukhona okubuleweyo, nanzi ingqungqulu zisiza; kodwa emva sokulele lapho, futhi kwabola, besekusiza-ke amanye. Ingqungqulu ayiyikuba lokokwenza ngakho. Bona?

UJesu wathi, “Lapho isiDumbu esikhona,” lapho iMana ewele khona, lobobusuku iMana ewa intsha, “lapho ingqungqulu zizaYibuthanela.” Yiyo iMana yosuku. Bona? Nanzelela.

215 Kodwa emva kokuba isibolile, impethu ziyangena phakathi kwayo, khona-ke nanka esiza amanye. Awangeke ayinuke ize ibole. Yikho uJesu wema lapho futhi wathi, “Jerusalema, wena owakhanda abaprofethi bonke!” Nanzelela leso sabizwana somuntu, bona, “Jerusalema, Jerusalema, kukangaki Ngithanda...” WayeNgubani? “Kukangaki Ngithanda ukukubuthanisa njenge sikhukhukazi sisenza amatsiyane aso, wena owakhanda abaprofethi bonke engabathumela kuwe,” lelobandla elikhulu, iJerusalema.

216 IJerusalema lelo elingekho lapha emhlabeni, “kodwa singabe Jerusalema laPhezulu,” lapho iLizwi elivela khona, elivela ekumiselweni ngaphambili, bona. Hatshi iJerusalema elidala elibhubhayo; iJerusalema eliTsha elingeke libhubhe. Hatshi iJerusalema elidala, elakhiwa ngumuntu; kodwa iJerusalema eliTsha elakhiwa nguNkulunkulu, bona, iLizwi phezulu-le khathesi libonakaliswa. “EKhaya likaBaba waMi kulezindlu ezinengi. Ngizakuya futhi ngililungiselele zona,” uMdali esenza izitalade zegolide, futhi lokunjalo. Yiwo loWo ongabhubhiyo.

217 “Jerusalema, Jerusalema, kukangaki Ngithanda,” kusukela ekuqaliseni kwesikhathi; hatshi uMuntu wesithathu, omunye umuntu, kodwa, “Mina bengizalifukamela njengesikhukhukazi

sisenza amatsiyane aso, kodwa alithandanga. Kodwa manje ihola lakho selifikile.” Bona?

“Lapho isiDumbu esikhona, ingqungqulu zizabuthana.” Kodwa emva kokuba sesibolile, khona-ke amanqe ayabuthana. Bona?

²¹⁸ Nanzelela. UMose, yena kazange aphe abantwana bakaNkulunkulu. . . UMose wayeyingqungqulu, futhi kazange aphe abantwana bakaNkulunkulu okwasala kuNowa. Bona? WayeleLizwi likaNkulunkulu elitsha. “iNkosi uNkulunkulu yahlangana lami enkangala, futhi yaqinisa iLizwi laKhe, futhi yangithuma phansi lapha ukulibiza liphume.” Khona-ke kwasekusiza lapho abalingiselayo, bekulingisela. Bona? Kodwa wayeleLizwi lehola.

Ngoba, uNkulunkulu wathi kuAbrahama, lowo owayesithembiso, “Inzalo yakho izakuba yizihambi elizweni labezizwe, okweminyaka engamakhulu amane, kodwa Ngizakuba vakatshela futhi ngibakhuphe ngesandla esilamandla.”

²¹⁹ UMose wathi, “Manje, iNkosi uNkulunkulu izakhuluma kimi futhi ingitshengise, futhi ingitshelile lokhu okokwenza, futhi ngizalitshelela.” Wathi, “‘UNGINGUYE’ ungithumile.”

“UNGINGUYE!” Hatshi “Nganginguye, kumbe ngizakuba.” “UNGINGUYE,” kutsho khonamanje, iLizwi khonamanje. Hatshi iLizwi elalikhona, iLizwi elizabuya; iLizwi elikhonamanje. Bona? Liyakuthola? “UNGINGUYE!” “UNGINGUYE” yiliLizwi. “Ekuqaliseni kwakuliLizwi, futhi iLizwi lalikanye loNkulunkulu.” Kuqondile lokhu na? “UNGINGUYE.” “UNkulunkulu ungithumile njengomprofethi waKhe, ukuqinisa lokhu ukuba liqiniso. Ngiyimpendulo kuleli Lizwi, ungitshele ukubuya phansi lapha futhi ngenze lokhu.”

²²⁰ Futhi lapho ekwenza, uFaro wathi, “Kuhle, silabafana abanengi eqembini lethu abangakwenza lokho, futhi,” abalingiseli.

UJesu wathi, “Manje, lokho kuziphinda njalo ensukwini zokucina,” bona, bezithi bayinto efanayo. Khangela ngubani oweza kuqala. Khangela ngubani owahlala kanye leLizwi. Lokhu yikho. Yiyo indlela okwaziwa ngayo, ngakho uyabona.

²²¹ Yikho, uyabona, siyananzelela, uMose kazange abaphe lokho okwakukhona ngesikhathi sikaNowa, “Sizakwakha umkhumbi khathesi, ngoba yilo iLizwi, uyazi. UNowa wakha umkhumbi ngolunye usuku.” Hatshi, amanqe ayesidla kulokho. Hatshi. Hatshi.

²²² Leli liLizwi elithenjisiweyo. Nanzelela, okombiko wakhe ayelawo uvela kuNkulunkulu, wayele Lizwi eliqotho elimiselwe ngaphambili likaNkulunkulu lalohola.

LoJesu kazange abanike okwasala kuMose. UMose wayele Lizwi lalalohola, kodwa uMose wayengumprofethi. Nangu uNkulunkulu ngokwaKhe, bona, Akazange abaphe okwasala kuMose—kuMose.

Kodwa khangela nje amaqe lapho kuleyo nhlanganiso, ayezitika ngakho. “Siyakwazi! Silo Mose! Akudingi ukuba sibelaWe.”

²²³ Wathi, “Ngabe lalimazile uMose, belizakungazi Mina, ngoba uMose wakhuluma ngaMi.” Bona?

“Lapho isiDumbu esikhona, ingqungqulu ziyakubuthana.” Inggqungqulu! Ugazana weLizwi, iLizwi eliphakamisiweyo futhi lanoniswa, futhi labonakaliswa futhi lanikezwa kube yiKudla kwabantwana.

Manje, isidumbu esidala ebesilele lapho okwamakhulu eminyaka, lapho sizakuba khona.

Kuyafana lakhathesi! ULuther wayelombiko wokuphenduka; kodwa, lina mzhizhi wamanqe wamaLutheran! AmaBaptisti ayelombiko; kodwa, lina manqe amaBaptisti! Bona? AmaPhentekhosti ayelombiko; sengisondele eduze khathesi, amaqe amaPhentekhosti!

“Kodwa lapho isiDumbu esikhona, lapho ingqungqulu zizabuthana.”

²²⁴ Khumbula, wawungeke umfunze umLutheran, emuva ezinsukwini lezo (ungakwenza khathesi), inyama ebolileyo yamaKatolika. Hatshi, mnumzana. Wayelenyama engakawonakali. Leso kwakuyisikhathi sebandla lelo.

Wawungeke ufunze iMethodisti, umbiko weLutheran. O, hatshi, waye engafuni leyo nyama ebolileyo. Ibolile. Bona, iMpilo yaysiyitshiyile futhi yangena kokunye njalo. Lelo lihlanga elidala elifileyo, emuva lapho. IMpilo iqhubekela phambili.

Kanjalo awungeke ufunze uMlobokazi kaJesu Khristu isiPentekhosti. Hatshi, sibili! Inhlanganiso ezigwele impethu; akula lutho oluhambayo! Hatshi, hatshi!

Ngoba isithembiso yikuthi, “Anduba usuku olukhulu lolwesabekayo lufike, Ngizakulithumela uElija umprofethi. Uzabuyisela inhliziyi zabantwana zibuyele eKholweni lwabobaba njalo.” “Zonke lezi izithembiso zenziwe eBhayibhilini, Ngizazenza, futhi lapho ingqungqulu zizabuthana.” “Konke lokho uBaba akunikeze kiMi kuzakuza kiMi.” Bona?

²²⁵ UJesu kazange akuzame lokho. Kodwa lapho uJesu esiza, Wafumana umzhizhi wamanqe, “Silo Mose futhi lomlayo.” Bona? Awu, lokho kwakuyikudla okuhle emuva khonale okwabalawa futhi kwanikezwa kibo. Bona, lokho kwakukuhle lesosikhathi.

Kodwa lokhu yikho okwakubikelwe kuMose, ngokwakhe, okwabalala umhlatshele, kwathiwa, “INKosi uNkulunkulu wenu uzavusa phakathi kwenu, kubafowenu, umProfethi. Kuzakuthi, wonke umuntu ongayi kubambelela kulowo mProfethi lalokho Akutshoyo, uyakuqunywa phakathi kwabantu.” Futhi kwabanjalo.

